# *Izinhlungu zokuzala*

Asikhothamise amakhanda ethu.

2 Nkulunkulu othandekayo, sibonga kakhulu namhlanje ngokuthululwa okukhulu koBukhona baKho, phakathi kwethu, vele. Futhi sibheke lokhu, ngokweqile, ngokukhulu kakhulu, kulentambama. SiyaKubonga ngaleliculo eliyisimangaliso kulona wesifazane ongumKristu osanda kucula lelihubo; noMoya waKho owehlile, nokuhunyushwa-ke. Nkosi, makube njalo, siyakhuleka. Futhi, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzosibusisa sonke, futhi kwangathi izinhliziyo zethu zingagcwaliswa ngenjabulo uma sibona lokhu kwenzeka.

3 Nkulunkulu othandekayo, siyakhuleka, kulentambama, uma bengabakhona abanye lapha ongakulungele ukuhlangabezana naWe, kwangathi leli kungaba yihora abazokwenza ngalo lesosinqumo sokugcina futhi bazoza kuWe, ngokuZalwa okusha. Siphe khona.

4 Sibusise sonke, Nkosi, esikade sisemgwaqeni isikhathi eside. Sikhulekela ukuthi Uzosifundisa izinto ezintsha ngeZwi laKho. Siphe ukuqonda okungcono ngoMoya waKho, Nkosi. Kwangathi Angeza futhi ahumushe iZwi. Umhumushi esinaye kuphela nguMoya. Sikhulekela ukuthi Uzosipha lokho, namhlanje. Sicela lokhu eGameni likaJesu. Amen.

[Udadewethu uqala ukuprofetha. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

5 Lokho kuyenelisa. [Umfowethu ukhuluma nomunye umfowethu—Umhl.] Isikhathi esinje pho! Angazi-ndawo engcono ukuba kuyo, ngaphandle uma kuseZulwini, ngokuba sizwa nje ugcobo lwaLokho manje, niyabo, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sibuthene ezindaweni zaseZulwini.

6 Nkulunkulu busisa uDadewethu Florence! Futhi wedlula esikhathini sosizi, namathunzi; uyise esanda kuthathwa nje. Futhi ngi—ngiyakhuleka, "Nkulunkulu, busisa lowomntwana."

7 NoMfowethu Demos, umthwalo emahlombe omabili, nesisindo sazo zonke lezizingqungquthela nezinto. Udinga imikhuleko yethu, naye. UNkulunkulu abusise uMfowethu Shakarian!

8 Mfowethu Carl Williams, ngempela ngiyajabula ukuba lapha kulengqungquthela nawe, phakathi kwabo bonke lababazalwane abanomoya omuhle. Futhi ngibe nenhlanhla yokuhlangana nabanye. Futhi manje lena yinxenye yami yokuqeda yenkonzo, ngokwazi kwami, ngakho, kungani, ngibheke manje ukuba ngikwazi ukuxhawulana namanye

alamadoda anomoya omuhle, futhi—futhi ngithole ukuhlangana nawo, ngokuba ngibheke ukuchitha ingunaPhakade nawo, e—eZweni elingcono.

9 Into e—encane nje, ngethemba ukuthi angizukuzwakala kabi. Futhi akusikho okuthuke kuqondana, angicabangi, ngokuba ngi—ngicabanga ukuthi kube yinhlanhla, ukuthi izolo ngiphiwe isipho ngumngani lapha, sivela kumngani wami, uDanny Henry. Wayengumfana . . . Ngoluny'usuku, engqungqutheleni yosoMaBhizinisi abangamaKristu eCalifornia, nganginonomhlangano. Ngangikhuluma kanzima impela ngokuphikisana nesi—simo sesikhathi.

10 Futhi nge—ngethemba ukuthi wonke umuntu uyakuqonda lokho, akusikho ukuthi nginobubi enhliziyweni yami. Akusikho lokho. Qhabo. Impela nizoqonda ukuthi angikuqondile ngaleyondlela. Kodwa ngifanele nje ngikusho okufika kimi ukuba ngikusho.

11 Kwase kuthi-ke emva kwalokho, lomfo omncane, umfowethu oyiBaptisti . . . Futhi ngicabanga ukuthi uyisihlobo esithize kwingcweti yamabhayisikobho. Futhi wehla ukuba angigaxe ngengalo, ukuba athi, "INkosi ikubusise, Mfowethu Branham. Ngifuna nje ukubeka izwi lomkhuleko." Wayeseqala ukukhuluma ngesiFulentshi. Nomfana akazi nelilodwa igama lesiFulentshi.

12 Nomunye wasukuma, ongathi owesifazane omkhulu. Wase . . . Ngikholwa ukuthi wayengowaseLouisiana. Wathi, "Leso yisiFulentshi."

Manje-ke kwakukhona indoda laphaya, yathi, "Leso yisiFulentshi."

13 Futhi babekubhale kwagqama ukuthi kwakuyini. Nginekhophi yasekuqaleni lapha. Kwase kuthi-ke, kwenzeka kwaba, nomfo omncane ehamba esuka ngemuva, futhi eza ngaphambili, ufuna ukubona amanothi abo. Futhi wayengumhumushi wesiFulentshi eNhlanganweni yeZizwe. "YisiFulentshi impela nje."

14 Futhi ngithanda ukufunda lelinothi. Leli yinothi lasekuqaleni lomunye wabo, futhi lalivela kulendoda eyayikade ihumushile. Ngingahle ngingakwazi ukubiza igama layo kahle nje. U Le Doux, uVictor Le Doux, ungumFulentshi wokuzalwa. Manje, nanku umlayezo.

> *Ngoba ukhethe indlela eyingcingo, indlela elukhuni ngokuthe xaxa, uhambe ngokwakho ukuzikhethela, uthathe isinqumo esiqinileyo nesiyiso du, futhi kuyiNdlela yaMi. Ngenxa yalesisinqumo esinzima, isabelo esikhulu kakhulu seZulu sikuhlalele. Isinqumo esihle kangaka pho osenzileyo! Lesi, kuso uqobo, yilokho okuyonika, futhi kwenze kufezeke, ukunqoba okukhulu kakhulu ebuNkulunkulwini boThando.*

15 Ngenkathi ngithola lokho...Niyazi, ngenkathi ngiqala ukuzwa abantu bekhuluma ngezilimi, ngangi—ngingagxeki lutho, niyabo, ngoba ngike ngakubona kuyikho ngokoqobo. Kodwa, njalo ngimangala. Kodwa ngenkathi lokho kwenzeka, futhi ngazi ukuthi ukuthunywa kwakuyini, emva kwakho, nga—ngangazi ukuthi kuvela kuNkulunkulu.

16 Manje-ke, lomfowethu ehlezi lapha, o—owangempela ummeli owaziwa kahle, ungiphe isipho esivela kuDanny. UDanny ubesanda kusuka eZweni eliNgcwele. Futhi wayelele phezu kwethuna, ethuneni, njalo, lapho uJesu wayekade ebekwe khona emva kokufa kwaKhe. Futhi ngenkathi ekwenza, wathi wacabanga ngami. No—noMoya weNkosi wehlela kuye, waphumela eNtabeni yaseKalvari lapho ukubethelwa kwakukade kwenzeke khona, wayesethatha ucezu lwedwala. Futhi wabuya wayesengenzela ipheya lezigqizo zemikhono yeyembe ngalo. Futhi ziyigugu ngempela kimi.

17 Futhi manje, lokhu, kusobala, uDanny akakwazi lokhu. Kodwa, kulokhu ukusa, ngisephandle emkhulekweni, ngabuka phansi kulezozigqizo zemikhono yeyembe, futhi ngasinye sazo, uma nizoqaphela, sinindwe yigazi, kanti futhi sinomugqa oqonde ngqo phakathi kwaleso ngasinye. Futhi lapha emlayezweni awunikeza uvela kuNkulunkulu, weqondile, indlela eyingcingo. Kufanelana kahle kanjani nje, yikho impela nje! Ngicabange ukuthi lokho bekuwuhlobo mhlawumbe lenhlanhla. Noma, ngimbonga ngempela uDanny. Umtshele, mfowethu, ukuthi ngikuthokozela kakhulu lokho. Ne stra-... Enye into exakile, ngacela umkami ngokusa engagqoka ngalo iyembe, lalifanele libe nezigqizo zemikhono yeyembe, futhi wathi, "Ngikhohliwe ukuletha izigqizo zakho zemikhono yeyembe," ngakho iNkosi yayinezinye eyayingihlinzekele zona.

18 O, kungukuphila okunenkazimulo! Akusikho, bazalwane na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ukuhamba ebululeni be—beVangeli! Futhi nokho, ebululeni baLo, Liyinto enkulu kunayo yonke engazi ngayo. Angazi lutho ngaLo. Futhi ngokuthi Lenziwa laba lula, ukuthi ngaba nethuba lokuza kuLo, niyabo, futhi, ngomusa kaNkulunkulu.

19 Manje, kulentambama, angifuni ukuthatha isikhathi esiningi, ngoba ngiyazi niya emabandleni kulobubusuku. Ngiyacabanga, nonke zivakashi lapha nifanele niqalaze emsamo, nibone lababefundisi, futhi ba, o, bazojabula ukuba nibe senkonzweni yabo kulobubusuku. Bazonenzela okuhle. Akungabazeki niye komunye uSonto sikole kulokhu ukusa edolobheni. Futhi sisenalezizingqungquthela, futhi kungoSomaBhizinisi beFull Gospel. Ngicabanga ukuthi besifanele sinezele konke ukuxhasa kwethu esingakwenza emabandleni ethu, ngoba yilapho osomabhizinisi bethu eya khona. Futhi, manje, yindlu kaNkulunkulu, futhi ngethemba ukuthi nizovakashela ibandla limbe kulobubusuku.

20 Kusasa ebusuku ngukuvalwa kwengqungquthela, ngiyakholwa, futhi ngiqagele basimemezele isikhulumi. Okungukuthi, ngizoba lapha, iNkosi ithanda, ukuzwa umlayezo waso.

UNkulunkulu anibusise nonke.

21 Manje, ngi, angizisho ukuthi ngingumshumayeli. Ngi—ngiwuhlobo lwe. . . Anginayo imfundo eyenele ukuba ngizibize ngomshumayeli. Umshumayeli, uma usho lokho, bakubheke ukuba ube neziqu ezithi azibe mbili ekholiji. Futhi—futhi anginalutho kodwa yi *Le* ndwayimane encane. Niyabo? Ngizama ukulandela izimvu ezigulayo, uma ngingaphumelela, ukuzibuyisela edlelweni likaBaba.

22 Uma ngenza amaphutha, ningithethelele. Angisuye usiyazi wezenkolo. Angimgxeki usiyazi wezenkolo. ITheolo-. . . Isayense yezenkolo ilungile. Yikho esikudingayo. Kodwa ngezinye izikhathi ngigxeka isimo esingene kuso. Lokho akuqondile noma yimuphi umuntu othize ngamunye. NguMlayezo nje. Ngi—ngifisa sengathi ngabe ubungesiwo owami ukuba ngiwunikeze. Ungidabula ngibe yizicucu, ngoba uyazi ukuthi uzizwa unjani ngabantwana bakho uqobo. Niyabo? Awukuzondi yini ukuba unike ingane ukuyithethisa, uyibhavumulele, noma okuthize, nokho na? Ngingumzali, nami, futhi ngiyazi ukuthi kusho ukuthini. Futhi nge—ngethemba ukuthi niyongithethelela.

23 Futhi ngifuna nenze kanje. Uma nihlezi, kulentambama, ngizocela umusa wenu. Nginamafishane nje amancane, amanothi ambalwa lapha. Njengoba nginitshelile, ngifanele ngikwenze lokhu, ngibhale ngikhiphe eminye imiBhalo. Kwakuvamise ukuthi, ngangicishe impela ngilicaphune iBhayibheli ngekhanda, kodwa hhayi manje. Ngedlule ezimpini ezinzima eziningi kakhulu, sengimdala kakhulu kulokho. Kodwa nge—ngethemba ukuthi nizongilalelela isikhashanyana nje, kulentambama, futhi nje ngempela nivule inhliziyo yenu futhi nizame ukukuqonda engikumbayo. Manje-ke ngicabanga ukuthi kuzobangcono, ikakhulukazi abelusi bedolobha nezindawo ezehlukene. Nge—Ngethemba ukuthi nizolalelisisa impela.

24 Futhi manje kwenzeni lokho, kwenzeni ngalokho ngendlela engenza ngayo uma ngidla uphaya wami engiwukhonzile, usheri. Enye yenyama yami engiyikhonzile, inkukhu. Kodwa uma ngidla olumnandi ucezu lophaya usheri bese nje ngizithela embewini, ngeke ngiwuyeke uphaya. Ngivele nje ngilahle imbewu, bese ngiqhubeka nokudla uphaya. Niyabo? Ngizithela ethanjeni lenkukhu, angiyilahli inyama yenkukhu. Ngivele nje ngilahle ithambo.

25 Ngakho, ukuba-ke bengizosho into ethize obungeke uvumelane nayo, noma ngasiphi isikhathi na? Vele nje ulahle

leyonxenye. Futhi, kodwa, ibhekisise kahle, qiniseka ukuthi yithambo, manje. Niyabo? [Ibandla liyahleka—Umhl.] Bese kuthi-ke mangisho futhi, uma kuyiMbewu, khumbula, Ithela ukuPhila okusha. Ngakho bhekisisa kanzima impela, futhi kwangathi iNkosi ingabusisa.

26 UMfowethu Carl Williams washo into ethize ngobunye ubusuku mayelana nokudedela, ekukhulekeleni abagulayo, okungaba kuhle kakhulu. Ngiyazi ukuthi lokho kungaba kuhle. Kodwa sivele nje . . . asikulungele lapha lokho, ukuletha umugqa womkhuleko. Futhi angazi noma uMfowethu Oral, noma yimuphi wabanye abazalwane oseke waba nemigqa yomkhuleko ezingqungqutheleni noma qha. Angazi. Ngikuzamile, kabili noma kathathu. Kodwa, ngokwejwayelekile, uma isixuku esinjengalesi, uzofanele unikeze amakhadi omkhuleko, niyabo, ukuze ukwenze. Isizathu, ungeke wakwenza. Akusiyo inkundla enkulu yokulwela. Yindlu kaNkulunkulu. Niyabo? Inikelelwe lokho. Futhi si . . . Bayacindezela futhi bafuqe. Futhi ninamakhadi, niyabalayinisa, ngokuhlelekile.

27 Ngakho uBilly ungibuzile, wathi, "Ngingaya yini ngaleya bese nginikezela amakhadi na? Abantu bangicela amakhadi omkhuleko."

28 Ngithe, "Qhabo, Billy. Asiyekele uMoya oNgcwele nje enze lokho Afuna ukukwenza." Niyabo? Lokho, niyabo, futhi siMyekele mhlawumbe akhe ukukholwa, futhi nje niphiliswe lapho enikhona. Niyabo? Kodwa i . . . Niyabo?

29 Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kungokuncane eVangelini. Futhi awusoze wenza-kukhulu kokuncane. Noma ubani uyakwazi lokho. Kodwa ba . . . Kuwudobo olusetshenziselwa ukuthola abantu ukuba bakholwe eBukhoneni obungaphezu kwemvelo, noma uNkulunkulu, okungaPhezu kwemvelo kukhona. Bese kuthi-ke, ngalokho, uma bengabuqonda uBukhona baKhe, khona-ke bayaphiliswa, niyabo, ngokukholwa, baBukholwe.

30 Manje ngifuna ukufunda okunye okuphuma eZwini likaNkulunkulu, iTestamente eLisha. Bese kuthi-ke ngifuna ukuthatha indikimba kuleliTestamente eLisha, nalomBhalo, futhi ngikhulume kulentambama ngendaba okwesi—sikhashanyana nje. Futhi angifuni ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu ngezinkonzo kulobubusuku. Kodwa khumbulani, ngiyethemba ngizenze ngacaca. Nje kunikeni ukunaka kwenu okwesikhashana, uma nithanda.

Manje, ngaphambi kokuba senze lokhu, asikhothamise amakhanda ethu futhi.

31 Niyazi, besingacula kaningi kakhulu. Besingamemeza kaningi kakhulu, size sishe amazwi. Futhi besingacula ngesikhathi esingafanele, noma simemeze ngesikhathi esingafanele. Kodwa nansi into eyodwa, asiphumi neze

ohlelweni uma sikhuleka. "Ngithanda ukuba amadoda akhuleke ndawo zonke, ephakamisa izandla zawo ezingcwele, ngaphandle kokungabaza." Noma . . .

32 Baba, kuyinhlanhla enkulu kunazo zonke umuntu ofayo ake aba nayo, kwakungukuvala amehlo akhe nokuvula inhliziyo yakhe, bese ekhuluma kuWe. Futhi siyazi ukuthi Uyezwa, uma nje besingakholwa ukuthi Uyezwa. Ngokuba uJesu wathi, "Uma nicela noma yini kuBaba eGameni laMi, kuyophiwa." Lokho kwakusezimweni, uma singeyikukungabaza. Ngakho, Baba, sisize ukuba sikholwe, kulentambama, ukuthi izinxuso zethu zizophiwa. Futhi kwangathi kungebebikho nesisodwa isithunzi sokungabaza, nomaphi. Kodwa kwangathi kungafezeka, izinto esizicelayo. Futhi lokho ngukuthi, Nkulunkulu, okokuba iGama laKho elikhulu lihlonishwe namhlanje, ngokungenisa eMbusweni waKho wonke umphefumulo olahlekile nodukayo ukuba ube phansi kokuzwakala kwephimbo lethu, noma leteyipu eyoze ifinyelele khona, phandle iyongena emazweni abahedeni, lapho eyakhona umhlaba jikelele.

33 Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi akuzukubabikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu namhlanje. Uma inkonzo isiphelile, kwangathi iNkosi uNkulunkulu angasindisa wonke umphefumulo olahlekile, futhi aphilise wonke umzimba ogulayo, futhi agcwalise inhliziyo yabantwana baKhe ngenjabulo. Yingakho sinokukholwa, Nkosi, ukucela eGameni likaJesu, kuNkulunkulu uBaba wethu, ngenxa yokuthi Wethembisa ukuthi Uyozwa. Futhi lokhu ngokwenkazimulo yaKhe. Amen.

34 EVangelini likaJohane oNgcwele, isahluko 17, futhi siqale ngevesi lama 20, ngifisa ukufundela i—indikimba. Ngicabanga ukuthi kunjalo.

> *Angiceleli laba bodwa, kepha nalabo abakholwa yimi ng*amazwi *labo;*
>
> *Ukuba . . .*

35 Ngikholwa ukuthi ngithole indawo engesiyo. Manje, ngiyaxolisa umzuzwana nje. Ngifuna umkhuleko kaJesu o . . . Noma, hhayi umkhuleko kaJesu, njalo, kodwa eyaKhe . . . Ngingahle ukuba ngimake phansi lapha endikimbeni yami into engesiyo. Kulapho uJesu akhuleka khona ukuthi . . . noma wayesho ukuthi njengowesifazane ehelelelwa ukubeletha umntwana wakhe, ukuzalwa, ukubeletha umntwana.

36 Lokho kukuLuka noma uJohane na?, Jack, kukuphi lokho na? [Omunye uthi, "UJohane 16."—Umhl.] ese 16 sikaJohane. Ngicabange ukuthi lokho bekuqinisile, kodwa akuzwakalanga kakhulu kufana nakho. Ese 16 sikaJohane. ["Ivesi 21."] Ivesi 21. [Omunye uthi, "Ya."] Impela, ivesi 21. Impela. Silapha. UJohane, uJohane oNgcwele 16:21.

> *Ukuba ba . . . babe . . .*

37 Qhabo, Mfowethu Jack, lokho kuselokhu kungesikho. [Omunye uthi, "Zama uJohane, ivesi 21." Omunye uthi, "21." Omunye uthi, "ivesi 21 le 16." Omunye uthi, "16."—Umhl.] Ngama twenty-. . . 16:21. Nginesahluko 16 sikaJohane oNgcwele, ivesi 21. Kodwa ku . . . Nginephutha na? [Umfowethu uthi, "Ake ngedlulisele, lapho okukhona ngqo."]

38 Awu, kukhona inxovanxova kuleli, kuxovekile kuleliBhayibheli. Yebo, mnumzane. [Umfowethu uthi, "Ba—balibhale kabi."—Umhl.] Balibhale kabi. Yebo, mnumzane. [Ibandla liyahleka.] Niyazi ukuthini? Lelo yiqiniso impela. Nanti iBhayibheli elisha-sha. Ngisanda kulithola nje. Futhi line—line . . . Libhaleke kabi. [IBhayibheli iScofield likaMfowethu Branham lalinamakhasi 1138-1139 ebhanqene ndawonye. Yizwa *Namuhla LomBhalo UGcwalisekile* 65-0219.]

39 [Umbishobhi omkhulu ongumpristi oyiKatolika emi emsamo, uMfu. ohloniphekile uJohn S. Stanley, uza ngaphambili futhi unikeza iBhayibheli lakhe uMfowethu Branham, futhi uthi, "Nje—nje ake uthi ukudonsa umoya. Kunesizathu ukuthi kwenziwelani, futhi uyakwazi. UNkulunkulu uzokukhombisa into ethize ezophuma kulokhu, leyo iyamangalisa."—Umhl.] Kulungile. ["Sebenzisa elami nje lapha, mfowethu."] Ngiyabonga. Ngiyabonga, kakhulu. 16:21. Ngiyabonga, kakhulu. Yiqiniso lelo.

> *Owesifazane nxa . . .*
>
> *Ngiqinisile ngiqinisile ngithi kini, Niyaku* lala, *nikhale nilile nina, kepha izwe liyakujabula: niyakuba-lusizi nina, . . . usizi lwenu luyakuphendulwa lubengukuthokoza.*
>
> *Owesifazane nxa esa—sabeletha, ulusizi ngokuba sifikile isikhathi sakhe: kepha nxa esembelethile umntwana, akabe esakhumbula . . . ubuhlungu—ubuhlungu, ngenxa yentokozo yokuba kuzelwe umuntu ezweni.*

40 Ngiyabonga, kakhulu, mfowethu. Ngikuthokozela ngempela lokho. [UMfowethu Branham ubuyisela iBhayibheli kumpristi oyiKatolika—Umhl.]

41 Manje, lokho ngempela kwenzeke isiphosiso ekubhalekeni lapha eBhayibhelini; ikhasi lifakwe endaweni engafanele. Futhi nje ngikuthole eBhayibhelini lami elidala iScofield, ngase ngicosha leli ngase ngenyukela lapha nalo, emizuzwaneni embalwa nje edlule, ngoba umkami usanda kungipha leli nje libe yisipho sikaKhisimuzi.

42 Manje, ngifuna uku—kukhuluma kulentambama phezu kwendaba engiyimemezele: *Izinhlungu zokuzala*. Manje, lokho kuzwakala kabi kabi, kodwa kuseBhayibhelini.

43 Ngikholwa ukuthi uJesu lapha wayekhuluma ngokuthi, njengoba Athi, "Niyakuba nosizi, kepha usizi lwenu luyakuphendulwa lube-ngukuthokoza," ekhuluma kubafundi baKhe lapha, azi ukuthi ukuzalwa ko—kobuKristu kwakuzoba khona. Futhi manje omdala kufanele afe, ukuze kuzalwe omusha. Ukuba ube nanoma yini ezalayo, ifanele ibe nobuhlungu bosizi. Futhi ngempela babezodlula ebuhlungwini bosizi nobuhlungu, ukuba basuke emthethweni baye emseni.

44 Okwejwayelekile, ukuzalwa kwemvelo kufanekisa ukuZalwa kokomoya. Zonke izinto zemvelo ziyizifanekiso zokomoya. Futhi sithola ukuthi, uma sibheka ngaphandle lapha e—emhlabathini, futhi sibone isihlahla emhlabeni, sikhula, sizabalazela ukuphila. Lokho kukhombisa ukuthi kukhona isihlahla, ndawondawo, esingafiyo, ngoba si—sikhalela into ethize.

45 Sithola abantu, akunandaba ukuthi badala kangakanani, bagula kangakanani, ukuthi simo sini, bayakhala, ukuba baphile, ngoba kukhombisa ukuthi kukhona ukuphila ndawondawo lapho esiphila khona, siphile kuze kube-phakade. Qaphelani ukuthi kuphelele kanjani.

46 Manje, kuJohane wokuQala 5:7, ngikholwa ukuthi yikho, uma ngingaphosisi, Kwathi, "Bathathu abafakazayo eZulwini: uBaba, iZwi, noMoya oNgcwele; laba bobathathu baMunye. Bathathu abafakazayo emhlabeni, lokho ngamanzi, iGazi, noMoya, futhi bavumelana kokukodwa." Manje qaphelani. Abokuqala abathathu *ba*Munye. Abesibili abathathu abasemhlabeni, aba *vumelana* kokukodwa. Ungeke waba noBaba ngaphandle kweNdodana, ungeke waba neNdodana ngaphandle kokuba noMoya oNgcwele. Kodwa ungaba nawo amanzi ngaphandle kweGazi, neGazi ngaphandle koMoya.

47 Ngicabanga ukuthi, eminyakeni yethu, kukufakazisile lokhu ukuthi kuyiqiniso; amanzi, iGazi, uMoya; ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lokho kufanekisa, noma kwenza i. . . noma, okwangempela, okususa ukuzalwa kwemvelo.

48 Bukani uma o—owesifazane noma yini isemihelweni, ukuba izale. Into yokuqala efezekayo, ukuqhuma kwamanzi, ukuzalwa okwejwayelekile; into yesibili yigazi; bese kufika ukuphila. Amanzi, igazi, umoya; nalokho kubumba okwejwayelekile, ukuzalwa kwemvelo.

49 Futhi kunjalo nasendaweni yokomoya. Amanzi, ukulungisiswa ngokukholwa, ukholwa kuNkulunkulu, umemukela njengoMsindisi oqondene nawe, nangokuthi ubhaphathizwe. Okwesibili, ngukulungisiswa komoya, ukuthi uNkulunkulu uhlanza umoya kuyo yonke imisuka yezwe, nesifiso sezwe. Bese kuthi-ke uMoya oNgcwele uyangena

futhi unikeze ukuZalwa okusha bese ugcwalisa lesositsha esingcwelisiwe.

50 Isibonelo nje, njengalokhu. Manje, lokho, nginitshelile. Eningakukholwa, kubekeni eceleni, bese-ke nithatha uphaya. Qaphelani. Manje, i—ingilazi ibekwe phandle egcekeni lezinkukhu. Awuvele nje uyicoshe leyo bese uyibeka etafuleni lakho bese uyigcwalisa ngamanzi noma ubisi. Qhabo. Ngokuyicosha, ngukulungisiswa. Ukuyihlanza, ngukungcweliswa, ngoba igama lesiGreki elithi *ngcwelisa* liyigama elimbaxambili, elichaza ukuthi "kuhlanziwe, kwase kubekwa eceleni ukuba kusetshenziswe." Hhayi *eku* setshenzisweni; *uku*setshenziswa. Bese-ke uma uyigcwalisa, ifakwa ekusetshenzisweni.

51 Ngiyaxolisa ngalokhu manje, kungesikho ukulimaza. Yilapho nina maPilgrim Holiness, maNazaretha enehluleka khona ukuhamba niqhubeke nikhuphuke niyongena ePhentekoste. Nahlanzwa ngokungcweliswa; kodwa ngenkathi senilungele ukufakwa ekusetshenzisweni ngeziphiwo zokukhuluma ngezilimi nezinye izinto, nakwala, naqathaka nabuyela ehhokweni futhi. Niyabo? Manje, yilokho—yilokho okwenzekayo. Njalo kwenza lokho.

52 Manje, kungesikho ukunigxeka manje, kodwa nje ngi—ngifuna ukususa lokhu enhliziyweni yami. Futhi lokho kade kuvutha kimi selokhu ngibe lapha, ngakho ngingahle ngikwenze nakho. Nje, uma umusa kaCarl, noDemos nabo, nowenu nonke, ngi—ngizozama ngamandla ami onke ukukhulula umphefumulo wami kukho, niyabo, bese-ke kuba kini.

Okwejwayelekile, kufanekisa okomoya.

53 Manje, siyathola-ke, futhi sekuzelwe ngokugcwele. Uma ingane, ngokuvamile . . . Manje uma kuqhuma amanzi, awudingi kwenza lutho olukhulu kangako ngakho. Futhi uma kuvela igazi, awudingi kwenza lutho olukhulu kangako ngakho. Kodwa, ukuze uthole ukuphila enganeni, ufanele ukuyithwansula, futhi uyenze ikhale kakhulu. Futhi lokho yi . . . Manje, ngaphandle kwemfundo, njengoba abazalwane bami lapha baqeqeshwe kahle kakhulu kuyo, eyabo, kodwa ngifanele ngithathe imvelo ukukufanisa. Futhi nakho lapho okhona. Yilokho okwenzekayo. Kuthathe ukuthwansulwa kwangempela, ukufinyelelisa lokhu kubo.

54 Manje, uthatha oluncane, uhlobo oluthize lokwethuka. Mhlawumbe, ungeke udingeke ukuthi uyithwansule, kodwa nje uthi ukuyethusa kancane. Wona impela umqondo wayo izalwa, ngezinye izikhathi, kuyokwenza. Uyidumele, uyidlikizise. Ayiqali ukuphefumula, ithwansule kancane, bese-ke ikhala kakhulu, ngezilimi ezingaziwa, kuyo uqobo, ngiqagele. Kodwa, i—i, empeleni, futhi yenza umsindo.

55 Futhi ngicabanga ukuthi uma ingane izalwa nje ngo—ngokuzalwa ifile, ingenamsindo, kungekho kunyakaza, leyo yingane efile.

56 Yileyo indaba ngebandla namhlanje, inqubo, sinabantwana abaningi kakhulu abazalwe befile. Kunjalo. Badinga ukuthwansulwa kweVangeli, niyabo, futhi ngakho ukubavusa, ukubenza baswanguluke, ukuze uNkulunkulu aphefumulele umoya wokuPhila kubo. Futhi manje sithola ukuthi lokho kuqinisile ngempela. Kuyisayense yezenkolo engahluziwe, kodwa yiQiniso, empeleni.

57 Ngakho, qaphelani, ekuzaleni kwembewu, imbewu endala ifanele ife ngaphambi kokuba kuzalwe entsha. Ngakho, ngakho-ke, ukufa kunzima, noma ngasiphi isikhathi. Ngakho, kubuhlungu. Kunosizi. Ukuzala kuyafana, ngoba uletha ukuphila ezweni, futhi ku—kubuhlungu.

58 UJesu washo ukuthi iZwi laKhe laliyiMbewu umhlwanyeli aphuma wayoyihlwanyela. Manje, sonke sikwejwayele lokho. Futhi ngifuna ukufundisa lokhu njengesifundo sikaSonto sikole, ngoba yiSonto. Qaphelani, manje-ke, leliZwi, lokhu liyiMbewu. Kodwa, khumbulani, i—imbewu iveza kuphela ukuphila okusha uma ifa.

59 Futhi yingalesosizathu kwakul'khuni kakhulu kulabobaFarisi ukuba baqonde iNkosi yethu uJesu Kristu, ngoba babengaphansi komthetho. Nomthetho wawuyiZwi likaNkulunkulu esimweni sembewu. Kodwa ngenkathi iZwi lenziwa inyama, futhi liba, hhayi umthetho, kodwa umusa. Manje, umusa nomthetho ngeke kwabakhona ngesikhathi esifanayo. Isizathu, umusa ungaphezulu kude le komthetho, umthetho awubalwa ngisho nokubalwa. Futhi ngakho-ke kul'khuni kakhulu kubaFarisi ukuba bafe emthethweni wabo, ukuze kuzalwe umusa. Kodwa ufanele uhambe. Imithetho emibili ingebekhona ngesikhathi esifanayo.

60 Ungebekhona umthetho othi ungeqa leliroboti, nomunye athi ungaleqa; omunye uthi ungakwenza, omunye uthi ungeke. Bona, kufanele kube ngumthetho owodwa ngesikhathi. Mhlawumbe ngesinye isikhathi wawungedlula kulo; ukuqaphelisa, wedlule kulo. Kodwa ngalesisikhathi libomvu. Yima! Uyabo? Futhi ngakho kungebekhona imithetho emibili ekhona ngesikhathi esifanayo.

61 Manje, siyaqaphela ukuthi njalo ku. . . Umcabango wami manje kini, kuthatha ubuhlungu, usizi, ukungathokomali. Bukani ukuthi labobafarisi bafa kanjani kulowomthetho, ngokwedlula ebuhlungwini, usizi, ukungathokomali. Kodwa kufanele kubekhona.

62 Manje, sithola ukuthi imvula eletha isithelo phezukomhlaba, "Izalwa," njengoba kwasho imbongi, "emasimini omdumo, kwezimahlakahlaka, izibhakabhaka ezimahlimbihlimbi."

Kodwa ukuba sasingenawo umdumo nezimahlakahlaka, izibhakabhaka ezimahlimbihlimbi, ithonsi elincane eliconsile lemvula eliphakanyiswe lisuka ezilwandle futhi laconsa lisuka kusawoti, belingeke lizalwe. Kuthatha lowombani, ukuqhuma komdumo; omahlakahlaka, omigoxigoxi, into esabekayo, ukuveza amathonsi amanzi athambile ayisigcebe. Kuthatha ubuhlungu ukuveza ukuzala. Kuthatha ukufa. Futhi njengoba kufa amafu, imvula iyazalwa, ngoba imvula iyinxenye yalelofu. Okunye kufanele kunqamuke ukuze kuphile okunye.

63 Manje, nabazalwane bami lapha, abanye babo wayekwazi, babengakunika yonke imithetho yalezozinto. Mina ngeke.

64 Manje ake siqathakele kokunye, okokufakazisa okuncane nje. Ngicabanga ukuthi enye yezimbali ezinhle kunazo zonke . . . Wonke umuntu banemibono okungeyabo ngazo. Kodwa ngicabanga ukuthi imbali enhle kunazo zonke cishe esengike ngayibona, isemuva empumalanga, umnduze wasesizibeni. Bangaki abake babona umnduze wasesizibeni na? O, akukho lutho nje olufana nawo, kimi. Kodwa nake naqaphela ukuthi lowomnduze wasesizibeni wawufanele ube njani na? Ngicabanga ngalokho uJesu akusho, "Qaphelani umnduze, ukuthi ukhandleka futhi uphotheke kanjani, kepha nokho Ngiyasho kini, ukuthi, uSolomoni ebukhazikhazini bakhe bonke wayengembathisile okowodwa walena." Ngokuba, ubukhazikhazi bukaSolomoni nokwembatha kwakhe konke kwakungokokwenziwa. Kodwa umnduze, ebuhleni bawo, ngukuphila okuwenza ube muhle, hhayi ukugcoba okuthize kokwenziwa kukho, okupendiwe.

65 Njengabesifazane bakithi nje, angicabangi ukuthi nifanele nibe nakho konke lokhu okul'hlazatshani, niyazi, neziqwayizisi zamehlo, niyazi, ziphume kanjalo, nakho konke lokho ukuqhatha izinzipho noma—noma qha, ngiyayixubanisa leyonto, konke kusebusweni bakho, ukukwenza ubukeke kahle. Ukubukeka kahle kuhle njengoba kwenza. Uma uzokwengeza iZenzo ezincane 2:4, ukuxube konke ndawonye, uJohane 3:16 omncane, kuyokwehlula noma yini uMax Factor ake azama ukukulungisa. Niyabo? Umyeni wakho uyokuthanda kakhulu; wonke omunye umuntu uyokuthanda; ngineqiniso ukuthi uNkulunkulu uyokuthanda.

66 "Umnduze," Wathi, "uqapheleni, ukuthi umila kanjani, ukhandleke, ufanele uzikhuphukele wona." Lomnduze wasesizibeni omncane, bukani ukuthi wedlulaphi; ukungcola, inkucunkucu, udaka, amanzi anodaka, amanzi angcolile. Ucindezela indlela yawo wedlule kukho konke lokho, lembewana encane yokuphila, izisebenzela yona isuka phansi ekugcineni kwesiziba lapho khona amaxoxo ne—nezinto zikhona, bese-ke uzikhuphukela wona wedlula kukho konke lokho. Kodwa uma usufika ebukhoneni belanga, uyazalwa. Imbewu encane iqhekezeka ivulekele ekuphileni. Ingeke

yakwenza lokho ize yedlule kukho konke lokho kwenzeka. Ifanele yedlule kulokho. Yenziwa yilokho-ke, yingenxa yokuthi ilanga uqobo lwalo yilona eliyidonsayo. Futhi uma isifika ngokugcwele ngaphezu kwawo onke amanzi angcolile, nenkucunkucu, kanjalonjalo, khona-ke ijabule kakhulu. Ivele nje izinikele yona ngokukhululeka. Futhi ngukuphila okuhle uma ifika ebukhoneni balokho obuyidonsela phezulu.

67 Ngicabanga ukuthi lokho ngumfanekiso omuhle wempilo yomKristu. Nxa, Into ethize ikudonsela ngaphandle kwezwe, kuze kuthi suku lumbe uzalelwa ngqo ebukhoneni baYo, ngoMoya oNgcwele. Kuhle kanjani! Uma uzama ukuwusiza, uyowubulala.

68 Njengamachwane amancane uma lizalwa, niyazi, uma wake wabaqaphela abafo abancane, phezulu ngqo umlonyana walo, noma yiyiphi inyoni ezalwa eqandeni. I—ne... Iyavuthwa, leligobolondo leqanda elidala. Izinxenye ezindala ezingaphakathi kweqanda zifanele i—ibole isuke. Futhi ifanele ithathe lomlonyana, futhi ihwaye iye emuva naphambili ize iqhekeze igobolondo. Sikubiza ngokuthi, izicwecwela indlela yayo yokuphuma, ezansi eKentucky lapho engivela khona. Izicwecwela indlela yayo yokuphuma. Abakaze bayithole indlela engcono. Niyabo? Niyabo? Ngani na? Yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Uzame ukuyisiza, uyoyibulala. Ugqobhoze igobolondo ulisuse kuyo, iyofa. Niyabo? Ifanele isebenze ngokuzikhandla, ubunzima, iqhekeze.

69 Yileyondlela umKristu afanele ayenze. Akusuye nje umuntu okuxhawulayo, ekuthatha ekungenisa. Ufanele ulale lapho uze ufe, ubole, futhi nizalwe eMbusweni kaNkulunkulu. Yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Awuhambi ungene ngencwadi, noma uxhawule, futhi ujoyine, uphampe, udonsele phansi. U—ufanele kalula nje usuke egobolondweni elidala. Qaphelani, akukho-ndlela engcono asebeke bayithola.

70 Abayitholanga indlela engcono yengane ukuthola lokho ekufunayo ngaphandle kwendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yayo. Manje, uma leyongane encane izalwa, ubungabeka insimbi ekhalayo phansi lapha eceleni kombhede wayo omncane, uthi, "Ndodana yami encane, ngi—ngingusiyazi wezenkolo endleleni. Ngifunde izincwadi ngokuthi ikhuliswa kanjani ingane. Futhi, ngiyakutshela, ungumntwana wesimodeni. Uzalwe ekhaya lesimodeni, ngumzali oyisimodeni. Uma ulambile, noma udinga umama noma mina, vele nje ushaye insimbi encane ekhalayo." Ngeke kuze kusebenze. Indlela kuphela engathola ngayo lokho ekufunayo, ngukuba ikukhalele. Leyo yindlela kaNkulunkulu.

71 Futhi yileyondlela esithola ngayo lokho esikufunayo, ngukukukhalela. Khala kakhulu. Ungabi namahloni. Uthi, "Ngilambele uNkulunkulu." Angikhathali noma ngabe abadikoni, abelusi, kumbe noma ngabe yini ezungezile,

khamuluka, noma kanjani. OJones bahlezi lapho; kwenza mehluko muni? Memeza kakhulu, yileyondlela kuphela ekhona yokukuthola, uze uthole usizo. Wakufundisa lokho ngenkathi Eselapha emhlabeni, niyazi, mayelana nomahluleli ongalungile.

72 Iconsi euincane lombethe, angiyazi indlela yokwakheka kwalo. Mhlawumbe kungaba khona isayense lapha ye... Ngizosho nje indlela engiyicabangayo. Kungahle kube wuhlobo oluthize lweqoqo eliminyene lomoya osemkhathini oqoqana ndawonye ebusuku obumnyama, bese lehlela emhlabathini. Futhi uma kwenza, lizalwa ebusuku. Kodwa ekuseni, lilele lapho, kumakhaza, futhi lithuthumela, edlebeni elincane lotshani, noma lilenga kulayini wakho wokweneka. Kodwa nje ake kukhanye ilanga phandle kanye, nike naqaphela ukuthi lithola ukujabula kanjani na? Nje liyakhazimula futhi livevezela. Ngani na? Liyazi ukuthi ukukhanya kwelanga kuzolidonsela emuva liye lapho ebelikhona ekuqaleni.

73 Futhi unjalo wonke owesilisa nowesifazane ozelwe nguMoya kaNkulunkulu. Kukhona okuthize ngakho, uma ukuKhanya kusabalala phezu kwethu, ukuthi siyajabula, ngoba siyazi ukuthi sibuyela lapho esivela khona, esifubeni sikaNkulunkulu.

74 Lingakhazimula injabulo, uma lishaywa yilanga, kusobala, lazi ukuthi liya lapho elivela khona.

75 Izinto ezincane eziwubuluhlaza, kodwa besingalokhu siqhubekile nazo, kodwa asithole enye into.

76 Siyazi ukuthi imbewu endala i, ifanele, ngaphambi kokuba imbewu entsha iphume embewini endala, ifanele ibolee, ngokoqobo. Ingafi, kuphela, kodwa ibole emva kokuba isifile. Siyazi ukuthi lokho kuqinisile.

77 Leyo yinto efanayo ekuZalweni okusha. Asibuyeli neze emuva, kodwa siya phambili uma uzalwa ngokusha. Futhi yingakho ngicabanga ukuthi, namhlanje, sino (kuningi kakhulu) hhayi okuningi kakhulu, njalo, kuZalwa okusha kwangoqobo, yingoba imbewu i, mhlawumbe, iyozwelana neZwi noma umuntu, kodwa abafuni ukubola basuke enqubweni endala ababekuyo. Abafuni ukuphuma kuyo. Bafuna ukuhlala enqubweni endala, futhi bazisho ukuthi banokuZalwa okusha, noma uMlayezo wonyaka. Siyakuthola lokho phansi kukaLuther, uWesley, amaPentecostal, nayo yonke eminye iminyaka. Basalokhu bezama ukubambelela enqubweni endala, futhi bazisho ukuthi banaLokhu. Kodwa unyaka wenqubo endala ufanele ufe, ubole, ukuze uveze okusha. Basalokhu befuna ukubambelela.

78 Qaphelani. Bayazi ukuthi inqubo endala ifile, kodwa nje abafuni ukubola baphume kuyo. Manje, ibole, kulapho isiphele khona ngempela. Lapho i...*Ukuzisho* kuyenziwa, ukuthi baZelwe ngokusha, kodwa ukuzisho kuphela kuyisibonakaliso esizaliwe. *Okubolile*, kuveza ukuZalwa okusha. Kufanele kubole

kusuke kukho, njengoba nje senza kuyo yonke iminyaka, ngabakaWesley, nabo bonke abavelayo.

79 Kodwa, into yakho ingukuthi, emva kwalokho, ukuZalwa okusha kuyazalwa. UWesley noma . . . ULuther wavela nezwi elilodwa, "Abalungileyo bazakuphila ngokukholwa." Awu, wayengasenakubambelela enqubweni endala. Wadingeka ukuba aphume kuyo.

80 Kwase kuthi-ke ngenkathi abakaCalvin bethola ibandla laseSheshi esimweni esinjalo, phansi kwemfundiso kaCalvin, uNkulunkulu waze wavusa imfundiso kaArminius, okwakunguJohn Wesley. Inqubo endala kwadingeka ife, ukuze kuvele entsha.

81 Futhi ngenkathi unyaka kaWesley unqamuka, nayo yonke iminyaka emincane, noma amadlebe aphuma ohlangeni, noma intshakaza, ngesikhathi sikaWesley. Niyabo, ngenkathi iPhentekoste iphuma nokubuyiselwa kweziphiwo, badingeka baphume kwiBaptisti, iPresbyterian, iPilgrim Holiness, amanaZaretha, ichurch of Christ, ebizwa kanjalo, nakho konke lokho. Badingeka baphume kuyo, babole basuke kukho, ukuba bemukele ukuZalwa okusha.

82 Uhlala njalo ubizwa ngohlanya. Kodwa kunjengoba uPawulu asho ngenkathi ebola ephuma kulokho ake azisho khona. Wathi, "Ngendlela ethiwa ukweduka, yileyondlela engimkhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba." Ngendlela ethiwa ukweduka! Niyabo? Wayemukele ukuPhila okusha, iTestamente eLidala elase liZale eLisha, futhi kwadingeka abole asuke kweLidala futhi nje alenze isithunzi. Ukuze abe yi . . .

83 Yilapho nje esikhona manje. Manje, ngibekezeleleni. Kodwa lowo ngumbono wami. Amabandla asenobunqubo kakhulu sewuze ungasakwazi nokungena kwelinye ngaphandle uma usonta kulo. Ufanele ube nekhadi lenhlanganyelo, noma uhlobo oluthize oluyinkomba. Futhi ngokukholwa lokhu, umnyango kuphela engicishe ngawuvula yilaba oSomaBhizinisi. Futhi inqobo nje uma bengesiyo inhlangano, ngingangena nabo, kodwa, futhi ngithole ukuletha uMlayezo, engiwuzwa ukuthi usenhliziyweni yami, uya kubantu. Kodwa sekungene kakhulu ebunqubweni. Futhi ngiyanithanda bantu bamaPentecostal. Futhi iphentekoste ayisiyo inhlangano, empeleni. Uzibiza ngalokho nje. Iphentekoste yisehlakalo futhi akusilo ihlelo.

84 Kodwa, niyabo, into yakho yile, kul'khuni kakhulu emadodeni amaningi. Uma eKubuka futhi aKukholwe, futhi aKubone kukhonjwa kanjalo nguNkulunkulu, eZwini, nokho, kul'khuni kakhulu ukubola usuke kuleyonto okade ukuyo. "Ngingenzenjani na? Ngikutholaphi ukudla kwami na?"

85 Ini? UNkulunkulu ungukudla kwakho. UNkulunkulu yinto yakho ofanele ubambelele kuyo. "Funani kuqala uMbuso

kaNkulunkulu, nokulunga kwaKhe." Ngizokushiya kulele kulokho. Niyazi ukuthi ngikhuluma ngani.

86 Siyatshelwa ngabaprofethi bakaNkulunkulu ukuthi sifanele sibe nomhlaba omusha, iZulu elisha nomhlaba omusha. Uma nifuna umBhalo walokho, yiSambulo 21. Benginganicaphunela khona, nginakho lapha. UJohane wathi, "Ngabona iZulu elisha nomhlaba omusha: ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kwase kwedlulile." Kwakungasekho. Manje, uma sizoba nomhlaba omusha, umhlaba omdala nomhlaba omusha ngeke wabakhona ngesikhathi esifanayo. Noma, izwe elisha nezwe elidala ngeke kwabakhona ngesikhathi esifanayo. Kungeke kwabakhona iziyalo zamazwe ezimbili ndawonye ngesikhathi esifanayo. Manje, ukuze uthole umhlaba omusha, omdala ufanele ufe. Manje, uma omdala ufanele ufe, khona-ke unikeza izinhlungu zokuzala okomusha manje.

87 Bese kuthi-ke uma udokotela ehambe wayohlola isiguli ebesisikwa manje, i...enye yezinto udokotela abengayenza. Okungukuthi, ngikhuluma phambi kwababili noma abathathu, ngiyazi, bodokotela abakahle bezokwelapha lapha, odokotela abangamaKristu. Futhi bengi—ngi—ngizonibuza lokhu. Enye yezinto zokuqala udokotela ayenzayo, emva kokuba kade eqaphele isiguli sakhe, ngukubala isikhathi sezinhlungu, izinhlungu zokuzala. Uzibalela isikhathi izinhlungu, ukuthi zisondelene kangakanani ndawonye, nokuthi obunye buya ngokuba namandla asabekayo kangakanani. Obunye buya ngokuba nzima kakhulu konobunye. Obulandelayo, busalokhu bunzima kakhulu, busondelana kakhulu ndawonye. Yileyondlela-ke aluxilonga ngayo udaba, ngezinhlungu zokuzala.

88 Awu, uma izwe lizodedela ukuzalwa kwezwe elisha, ake nje sihlole ezinye izinhlungu zokuzala esinazo emhlabeni, sizobe-ke sesibona ukuthi suku luni nokuthi nje cishe usuhambe kangakanani emsikweni wawo.

89 IMpi yokuQala yoMhlaba wakhombisa izinhlungu zokuzala ezinkulu. Wakhombisa obunye bezinhlungu zokuzala zokuqala ungena emsikweni. Ngenxa yalesosikhathi sawo, sasiveze amabhomu, futhi sasinemishinigani, negesi ewuphoyizeni. Futhi niyakhumbula. Mhlawumbe abaningi benu ningeke. Ngangisengumfanyana nje weminyaka cishe eyisishiyagalombili ubudala, kodwa ngiyabakhumbula bekhuluma ngalegesi ewuketshezi olungenambala olusamafutha noketshezi iklorini, kanjalonjalo. "Nje kwakubukeka kanjani ukuthi kwakuzoqala nje futhi," bathi, "kwakuzobulala wonke umhlaba. Kwakuzobulala wonke umuntu. Awu, kungahle kube u—u—ukwephulwa kwalokho, imimoya nje ikuphephethele emhlabeni wonke." Nokuthi wonke umuntu wayesabela ukufa kwalesosikhali esikhulu segesi ewuphoyizeni! Umhlaba wedlula, waba nezinhlungu zawo zokuzala zokuqala.

90 Futhi siyathola manje, sibe nempi yesibili, iMpi yoMhlaba, nezinhlungu zawo zaba zinkulu kakhulu impela. Ziya ngokuba namandla asabekayo kakhulu ngaso sonke isikhathi, izinhlungu zokuzala zomhlaba. Wacishe wadedela impela, ngesikhathi sebhomu le atomu, ngoba lalizobhubhisa idolobha lonke. Kwakukukhulu kakhulu impela kunezinhlungu zeMpi yokuQala yoMhlaba, yokubhujiswa komhlaba.

91 Manje, uyazi ukuthi isikhathi sawo sokukhululeka sesiseduzane. Yingalesosizathu unovalo kangaka, uxakekile, njengoba unjalo, yingenxa yokuthi kukhona ibhomu yehayidrojini, nemicibisholo ejikijelwayo yomoya ebingabhubhisa umhlaba wonke. Isizwe esisodwa sesaba esinye, akunandaba ukuthi sincane kangakanani. Banaleyomicibisholo ejikijelwayo abathi iyovele nje . . . Eyodwa yayo. Bangayiqondisa ngezinkanyezi futhi bayiqathaze noma yikuphi ezweni abafuna khona.

92 IRashiya, njengoba ngizwile ezindabeni, ngeliny'ilanga, ithi ingabhubhisa lesisizwe, futhi—futhi igcine ama atomu noma izinto zingabhidlizi isizwe sayo. Asazi ukuthi sizokwenzenjani ngakho. Wonke umuntu wenza lezizisho, futhi kunjalo.

93 Isayense yabantu ibhobokele endlini enkulu kaNkulunkulu yokucwaningela isayense, sebezoze bazibhubhise bona uqobo. UNkulunkulu udedela, njalo udedela ukuhlakanipha kuzibhubhise khona uqobo. UNkulunkulu akabhubhisi lutho. Umuntu uzibhubhisa yena uqobo ngokuhlakanipha, njengoba enza ekuqaleni, ethatha ukuhlakanipha kukaSathane esikhundleni seZwi likaNkulunkulu.

Manje, uyazi ukuthi ufanele udedele. Ungeke wakumela.

94 IRashiya, ngiyakholwa, ibingasibhubhisa lesisizwe namhlanje, ukuba ibicabange ukuthi ibingasibhubhisa, bese izisindisa yona. Noma yiziphi zalezozizwe ezincane bezingakwenza. Kodwa, ziyesaba, ngoba ziyazi ukuthi lelizwe lingeke lama emkhondweni walo phansi kwezimo ezinjalo.

95 Ngakho, izwe liyazi ukuthi izinhlungu zalo zokuzala zinkulu kakhulu, lifanele lidedele. Kuzobakhona umhlaba omusha, ozalwayo, osuseduzane. Ngiyabonga ngalokho. Ngikhathele yilona. Noma—noma ubani uyazi ukuthi—ukuthi lapha yindawo yokufa nosizi, nazo zonke izinhlobo zemehluko, kanjalonjalo. Ngiyajabula ukuthi uzofanele udedele. Ngiyajabula lesosikhathi sesiseduzane. Njengoba uJohane athi, wasendulo, "Kanjalo, woza, Nkosi Jesu."

96 Manje, ufanele ubole, kusobala, njengoba ngishilo, ukuze uveze ukuzala okusha. Bukani ukuthi ubolelele kukuphi. Qaphelani, bazalwane bami! Ubole ngokuphelele. Ezombusazwe zawo nezinqubo kubole nje phuhlu. Akukho nelilodwa ithambo eliphilayo kuwo, ezinqubweni zawo zezwe, ezombusazwe zawo nezombusazwe zawo zezenkolo, nanoma yini. Omunye

uthi, "NgiyiDemokrati. NgiyiRiphablikheni. NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti." Ngani, yonke into ibole yaze yayofika emnyombweni. Kuzofanele kubekhona into ethize ededelayo. Ungeke ume. Uma ufaka uGeorge Washington noma uAbraham Lincoln kulolonke izwe kuleUnited States, ubusayolokhu ungeke ubuye. Sewedlule ngale kokuhlengwa.

97 Yinye kuphela into engawusiza, lokho kungukuFika koMdali. Amen.

98 Uyazi ukuthi ufanele udedele. Usebuhlungwini nasosizini. Omunye akazi ukuthi uzokwenzani. Omunye ubheke *ngapha*, nomunye *ngapho*, nayo yonke into. Omunye wesaba omunye. Omunye ezama ukwenza okuthize okuzobhubhisa *lo*. *Lo* ezama ukuphikisa lowaya, abhubhise omunye. Kuze, manje banawo usezandleni zamadoda anezono, abengabhubhisa umhlaba wonke ngesikhathi esiyimizuzu emihlanu. Niyabo? Ngakho uyazi ukuthi ungeke wakumela. Abantu bayazi ukuthi ungeke wakumela. Nezwe liyazi ukuthi bazo, kuzokwenzeka.

99 Ngokuba, uNkulunkulu washo ukuthi wawunjalo. "Onke amazulu nomhlaba uzosha." Kuzoba ngukulungiswa kabusha kwento yonke, ukuze kuzalwe izwe elisha. UNkulunkulu ukuprofethile.

100 Ubolile, kuzo zonke izinqubo zawo, futhi uzokwenza lokho, ukusuka ubole.

101 Yingakho wona, ngithe, unovalo kakhulu futhi ubomvu ebusweni, futhi uxakekile. Nokuzamazama komhlaba, ndawo zonke, naphansi-phezulu ogwini. Namagagasi amakhulu abangwa ngukuzamazama kolwandle eAlaska, nokunyakaza phansi-phezulu ogwini, kokuzamazama komhlaba nezinto. Nabantu bebhala, "Singayishiya na? Singayishiya na?" Niyabo? Abazi ukuthi benzenjani. Ayikho indawo ephephile kodwa iYodwa, lowo nguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Futhi yinye kuphela into eyindawo ephephile, nalowo nguYe. Konke ngaphandle kwaKhe kuzobhubha, ngokuqinisile impela nje njengoba uNkulunkulu asho njalo.

102 Manje asibuke iNcwadi kaDokotela, uma ukuloluhlobo lwesimo, futhi sibone ukuthi lokhu kufanele kwenzeke yini uma umhlaba omusha usuzozalwa. UMathewu 24, eNcwadini kaDokotela, okuyiBhayibheli, futhi asibone ukuthi kwaprofethwani, ukuthi izimpawu zawo ziyoba yini.

103 Manje, uma udokotela ezazi izimpawu zokuzalwa komntwana . . . Futhi nje sekuzoba yisikhathi sokuba umntwana afike, ulungiselela zonke izinto, ngoba uyazi ukuthi leso yisi—sikhathi umntwana asezozalwa ngaso. Ngoba, zonke izimpawu luyakhombisa; a—amanzi aseqhumile, igazi. Futhi manje i . . . Yisikhathi. Umntwana useqathakile, futhi sekuyisikhathi somntwana ukuba azalwe. Futhi ngakho umlungiselela yonke into.

104 Manje, uJesu wasitshela khona impela nje okuyokwenzeka ngalesisikhathi nje. Wasitshela, kuMathewu 24, ukuthi iBandla, iBandla leqiniso, nelinye ibandla, liyoba . . . Ibandla lemvelo, iBandla likamoya, "Ayosondelana kakhulu, abalingisi, liyoze lidukise nabaKhethiweyo, uma kwakungenzeka." Ukuthi lokho kwakunjani ngezinsuku zikaNowa, "Ukuthi babedla kanjani, bephuza, beganwa, bendiswa," naso sonke lesi isimilo esibi sezwe esisibonayo namhlanje. IBhayibheli, iNcwadi, iNcwadi kaDokotela yathi kuyokwenzeka. Ngakho, uma sibona lokhu kwenzeka, siyazi ukuthi ukuzala sekuseduze. Kufanele. Yebo, mnumzane. Manje, sibuka lokho, njenge—njengesizwe; hhayi njengesizwe, kodwa izwe.

105 Manje, uIsrayeli, ibandla, asiqale emuva ngaye imizuzu embalwa. Futhi asimlandele imizuzu eyishumi elandelayo, mhlawumbe. UIsrayeli wayenezinhlungu zokuzala phansi kwawo wonke umprofethi owafika emhlabeni. Wayenezinhlungu zokuzala eMlayezweni wakhe. Ngokuba wenzani na? Umprofethi wayeneZwi. Futhi—futhi wayekade ehlwanyele okuningi kakhulu ukubola futhi wenza izimiso zezinqubo kuye, kwaze kwathi lomprofethi wamzamazamisa wamsusa esisekelweni sakhe. Babezondwa yiwo wonke umuntu. Ngakho, ngakho-ke, ngenkathi uNkulunkulu ethumela umprofethi, ibandla uqobo lwalo laya ezinhlungwini zokuzala. Ngoba, umprofethi. "IZwi leNkosi liza kumprofethi, futhi yena kuphela." Lokho ngukuthi, iZwi elakhulunyelwa lolosuku libonakaliswa ngumprofethi walowonyaka, bekuhlala njalo kunjalo. Futhi, amabandla, akha eziningi kakhulu izinqubo ngaseZwini, waze wamzamazamisa wamsusa esihlalweni esiyendezelayo lapho efika. Wayenezinhlungu zokuzala.

106 Kwakuyini na? Abuyele eZwini! Abuyele ekuPhileni! Izinqubo ayinakho ukuPhila. YiZwi likaNkulunkulu kuphela elinokuPhila. Izinqubo eyakhelwe ngaKukho, lapho okungekho khona ukuPhila. YiZwi elinikeza ukuPhila. UMlayezo wakhe wazamazamisa insali yabuyela eZwini. Iqembu elincane liyophuma futhi likholwe. Ngesinye isikhathi, mhlawumbe . . . Ngesikhathi sikaNowa, kuphela cishe abantu abayisishiyagalombili. Kodwa, noma kanjani, uNkulunkulu wazamazamisa insali. Futhi, wabhubhisa, konke okwawo kwadingeka kuzanyazanyiswe kususwe.

107 Kwakwenza lokho, kwehle njalo ngeminyaka, kwaze kwathi ekugcineni ibandla lababelethela uMntwana wesiLisa, nalowoMntwana wesiLisa wayeyiZwi, qobo Lwalo, lenziwe inyama. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Wanqoba bonke odeveli, onke amandla phezu komhlaba, afike aphikisane naYe, ngeZwi likaYise kuphela. Zonke izilingo uSathane aMnika zona, Wakhuza uSathane; hhayi ngamandla aKhe—aKhe uQobo

Ayenawo, kodwa ngeZwi likaNkulunkulu. "Kulotshiwe... Kulotshiwe...Kulotshiwe..." Ngokuba WayeyiZwi.

108 Ngenkathi uSathane endizela kuEva, wayengesilo iZwi, ngakho kwehluleka. Ngenkathi endizela kuMose, kwenza into efanayo. Kodwa ngenkathi ezithela eNdodaneni kaNkulunkulu, Yayingamandla kagesi ayizinkulungwane eziyishumi. Ashaya izimpaphe ezixegayo zaphuma kuye, ngenkathi Ibuya yayisithi, "Kulotshiwe, 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.'" Wayelapho lowoMntwana wesiLisa, enziwe inyama. IZwi likaNkulunkulu eliPhakade, Yena uqobo, wabonakaliswa emzimbeni wenyama lapha emhlabeni, ukumela iZwi.

109 Wayazi kanjalo-ke ukuthi kwakukhonani ezinhliziyweni zabo. Wayekwazi kanjalo-ke ukutshela uFiliphu ukuthi wayekuphi, wayengubani. Wayekwazi ukutshela iSimoni Petru ukuthi wayengubani. Watshela owesifazane emthonjeni. Ngani na? WayeyiZwi. Kunjalo. IBhayibheli lathi, kumaHeberu isahluko 4, "IZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lisika kuze kwehlukaniswe umnkantsha ethanjeni, futhi Lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo."

110 Ngani, labobapristi abangabaFarisi abaphuphuthekile babengaboni ukuthi Lelo kwakuyiZwi elibonakalisiweyo, ngokuba babezisongele ebupristini nasenqubweni. Nenqubo endala yayifanele idedele. KwakuyiZwi, kodwa okwakukade kwethenjisiwe kwase kugcwalisekile. Ngakho uma kugcwalisekile, kufanele kubole kusuke. Yikhoba. IMbewu yaqhubekela phambili.

111 UMose wayengenakuletha umlayezo kaNowa. Kanjalo noJesu wayengeke alethe umlayezo kaNowa, ngoba kwakungomunye unyaka. Nembewu endala yayilungile, kodwa yayenza inhloso yayo futhi yafa futhi yahamba. Inguquko esuka kwendala iya kwentsha, lapho ukuPhila kwakukhona, kwakuyilokho okwakukhathaza abantu, okubakhathazayo nanamhlanje.

112 Asakhi lona udonga, njengoba saqala ngomlayezo kaLuther, sehla siqonde ngqo ngomugqa oqondile, noma umlayezo wamaPentecostal. Kunjalo. Sesijika emakhoneni. Sakha isakhiwo. IZwi likaNkulunkulu liyiplani. Noma ubani angawenza umugqa oqondile, kodwa kuthatha umbazi wamatshe ukujika ikhona. Kuthatha amandla kaNkulunkulu ukwenza lokho. Kuthatha ogcotshiweyo ovela eZulwini, ukuba athunyelwe phansi kulokho. Bekunjalo, kuyo yonke iminyaka. Futhi onyakeni wabaprofethi, iZwi leNkosi liza ngalabo baprofethi, futhi bajika lawomakhona, benza leyo mehluko.

Kodwa abakhi babefuna ukwakha udonga. Akusilo udonga, nhlobo. Yisakhiwo, isakhiwo sikaNkulunkulu.

113 Manje, siyezwa futhi siyazi ukuthi Leli yiQiniso, ukuthi izinqubo yabola kuyo yonke iminyaka. Zonke zezinqubo zabo zadingeka zibole futhi zicime, laze laveza leloBandla. Kulawomahlaphahlapha okubola kwavela iZwi, qobo lwaLo. "IZwi leNkosi liza kubaprofethi." Alizi neze kubapristi; Liza kubaprofethi.

114 Futhi qaphelani, futhi ngenkathi Lenza, ekugcineni leloZwi ngakho konke lazalwa lapha enyameni yomuntu. Ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakuphumule kuYe. WayeyiZwi. Abaprofethi yinxenye yeZwi, iZwi lonyaka wabo. Thina, namhlanje, siyinxenye yeZwi, esilandela iZwi. Kodwa Wayeyikho konke ukugcwala kweZwi. WayeyiZwi. Wathi . . .

115 Ngenkathi beMmangalela, Ezenza olingana noNkulunkulu, ngoba WayeyiNdodana kaNkulunkulu, bathi kuYe, "Awu, Uzenza uNkulunkulu Wena."

116 Wathi, "Akulotshiwe yini emithethweni yakini, ukuthi nibiza labo iZwi likaNkulunkulu eleza kubo ngokuthi, 'onkulunkulu,' abaprofethi na? Futhi babeyibo. Manje ningaNgilahla kanjani uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?"

117 Lapho, ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakuphumule eNdodaneni kaNkulunkulu. Wayengukubonakaliswa okugcwele kukaNkulunkulu. Yilokho ekugcineni okwa . . . Izinhlungu zokuzala phansi kwalabo baprofethi, ngani, bona beyiZwi, bakhomba kulokho kugcwala kwabo uqobo, ukugcwala kweZwi. Kwase kuthi-ke ekugcineni izinqubo zasuka zafa, kwaze kwathi, "IZwi laba yinyama lakha phakathi kwethu."

118 Bhekisisani ukuthi kwafanekiswa kanjani kuJakobe. Bhekisisani ukuthi kwafanekiswa kanjani kuJosefa, impela. Wathandwa ngowakhe ubro- . . . uyise; wazondwa ngumfowabo, ngaphandle kwesizathu. Wayengowomoya, wayekwazi ukusho izinto zingakenzeki, futhi ehumusha amaphupho. Akukho ayengakwenza ngaphandle kokuba yilokho. Wazalwa nje eyilokho. Wamiselwa ngaphambili ukuba abe yilokho. Kodwa, wazondwa ngabafowabo, futhi ekugcineni bamthengisa ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva, cishe impela izinhlamvu ezingamashumi amathathu. Futhi wavuswa, wahlaliswa ngakwesokunene sikaFaro. Kwabukwa etilongweni lakhe, kwakukhona umphathizitsha nomphekizinkwa; omunye walahlwa nomunye wasindiswa.

119 UJesu etilongweni laKhe, esiphambanweni; omunye walahlwa, omunye wasindiswa. Impela. Wayese-ke ephakanyiselwa emazulwini wayesehlala phansi esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. Futhi lapho Eyakusuka futhi,

kuyobakhona umsindo ophumayo, "Guqani ngamadolo," nazo zonke izilimi zavuma.

120 Futhi ngenkathi uJosefa esuka esihlalweni sobukhosi futhi eqala ukuya phambili, icilongo lakhala, nawo onke amadolo adingeka akhothame, "UJosefa wayeza."

121 Ngakho, ngoluny'usuku iCilongo likaNkulunkulu elikhulu liyokhala, abafile kuKristu bayovuka, nawo onke amadolo ayoguqa, nazo zonke izilimi ziyovuma kuleliZwi. Kodwa Uzelani na? Uzela ukuzokwenzani lapha na?

122 Qaphelani, waveza leliZwi eliphelele elenziwa inyama, phansi kwezinhlungu zokuzala zabaprofethi abaqhuma kakhulu, "Ungozayo! Ungozayo! Ungozayo!"

123 Manje, kodwa wayengenamprofethi iminyaka engamakhulu amane, ngokomlando nomBhalo, kusukela kuMalaki kuze kube uJohane. Babenosiyazi bezenkolo kuphela, abapristi, abelusi. Manje lapha singazibonela nje, ngaphandle kwalokho, nhloboni yokubola inqubo yakhe okwakufanele ngabe wayekuyo, iminyaka engamakhulu amane kungekho-Mlayezo oqondile, ka ISHO KANJE INKOSI, ovela kuNkulunkulu. Ngakho, abapristi, abaprofethi, kanjalonjalo, base bekungenise engxovangxoveni esabekayo. Wayesebolile.

124 Manje-ke uJohane, uElija othenjisiwe kaMalaki 3, hhayi uMalaki 4. UMalaki 3, ngoba uJesu washo into efanayo ku—kuMathewu isahluko 11.

125 Lapho iso lokhozi likaJohane liba nomthuqu, njengoba ngikholwa ukuthi *ImiNyaka yasekuQaleni* kaPember iyasho. Futhi wathi, "Hambani niMbuze ukuthi ngabe UnguYe, noma sifanele sibheke omunye." Niyabo?

126 Wayesethi, uJesu, emva kokuba esethumele abafundi bakhe emuva, emva kokubatshela ukuba bahlale emhlanganweni futhi babhekisise ukuthi kwakwenzekani. "Futhi hambani, nikhombise uJohane lezizinto. Futhi ubusisiwe ongakhubeki."

127 Waphenduka wayesebheka abafundi baKhe nabantu Ayekhuluma kubo. Wathi, "Naphuma ukuyobonani ngenkathi niyobona uJohane na?" Wathi, "Naphuma ukuyobona umuntu owembethe ezinothonotho na?" Wayesethi, "Ngithi kini, yilolohlobo oluhlala ezindlini zamakhosi." Wathi, "Naphuma ukuyobona u—u—umhlanga owawuntengantengiswa ngumoya na?"

128 Ngamany'amazwi, zonke izinto ezincane ezifikayo, wayentengantengiswa yizo na? "Ngiyakutshela, uma nje uzoza ngapha bese ujoyina iqembu lethu, singakunika iholo elingcono." Hhayi uJohane. "Uma nje ungeke ushumayele uphikisane na *lokhu* na *lokho*, awu, ungajoyina emaqenjini ethu." Hhayi uJohane.

129 Wathi, "Pho naphuma ukuyobonani, umprofethi na? Futhi Ngithi kini, odlula umprofethi. Ngokuba uma ningakwemukela, nguye lo okwakhulunywa ngaye ngomprofethi, ethi, 'Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela.'" Lowo nguMalaki 3:1.

130 Hhayi uMalaki 4, nhlobo. Lokho kwehlukile. Isizathu, lowoElija efika, izwe lizoshiswa masinyane, nabalungileyo baphume bahambe emlotheni wababi.

131 Manje, qaphelani. UMlayezo wakhe awuzange ubanyakazise kakhulu kangako ekulaleni kwabo kobufundisi. Bathi nje, "Nangu umuntu ohlanyayo ezansi lapho. Nimedlule, masinya. Uzibize ngohlanya; uzama ukuminzisa abantu ezansi lapho emanzini. Niyabo? Ngani akukho lutho kuleyondoda endala. Ngani, ayinalo ngisho nohlobo olukahle lwezingubo. Inesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso. Awu, ihlupheka njengekewu likaJobe. Ngani, yiliphi ikholiji eyake yaphuma kulo na? Nhloboni yekhadi lenhlanganyelo na? Ngeke ngisho size sibambisane emihlanganweni yayo. Sizoyiyeka nje ime ezansi lapho, ibulawe yindlala." Niyabo? Izwe alikashintshi kakhulu kangako, kanjalo nezinqubo. Ehhe. "Kodwa sizoyiyeka nje ihlale ezansi lapho. Ayina . . . "

132 Niyazi ukuthi kungani wayengenalo na? Khumbulani, uyise wayengumpristi. Kodwa akawulandelanga ngani ulayini kayise, okwakuyisiko kubantwana ukuba balenze ngalezozinsuku na? Ngoba wayenento ethize, uMlayezo omkhulu kakhulu. Wayezokwethula uMesiya, ngokuba uMoya oNgcwele wawusho njalo. Leyonsali encane eyayikade ibuyiswe nguMlayezo kaGabriyeli, ezansi lapho, yazi ukuthi lokho kwakuzoba njalo. Ngakho siyatshelwa, cishe eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, waya ehlane. Emva kokulahlekelwa nguyise nonina, ukuthi wahamba wayongena ehlane, ngoba wayefanele ezwe impela.

133 Isizathu, esakhiweni esikhulukazi sesayense yezenkolo lapho, babeyothi, "Manje, ngiyazi ukuthi ufanele ukuba yilowo ozomemezela uMesiya. UIsaya wathi wawuza, ngakho uzoba yilelophimbo. Manje, awucabangi yini ukuthi uMfowethu Jones lapha ukufanele lokho nje impela na?" Futhi wayeyoncengeka kalula.

134 Kodwa akazange afunde nayiphi yezinqubo zabo. UMlayezo wakhe wawusemqoka kakhulu. Waphuma wayongena ehlane, ukuba ayohlala.

135 Qaphelani. UMlayezo wakhe wawungenjengaye usiyazi wezenkolo. Wayesebenzisa imifanekiso. Wathi, "O, nina nzalo yezinyoka." Ebiza labobefundisi basesontweni, "zinyoka." Lokhu, okunye kwezinto ezimbi ayekade ezithole ehlane, okunye kwezinto ezinyenyayo, kwakuyizinyoka. Futhi wacabanga, "Lokho nje kuthi akube ngukuqhathanisa okwedlula konke

engikwaziyo." Wathi, "Nina nzalo yezinyoka, ubani onexwayise olakeni oluzayo na? Ningaqali ukuba nithi, 'Sisonta ku *lokhu* na *lokho*,' ngokuba uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe." "Lawamatshe," akuthola ehlane nasogwini lomfudlana.

136 "Izembe futhi," ayekade elisebenzisa ehlane, "libekiwe empandeni yomuthi," akubonayo ehlane. "Yonke imithi engatheli isithelo esihle," uyazi lapho ayethola khona izinkuni zakhe zokubasa, niyabo, "iyagawulwa iphonswe emlilweni," kwenziwe izinkuni zokubasa ngawo. Niyabo? UMlayezo wakhe wawungesiwo owomfundisi wasesontweni, nhlobo. Wawungokwemvelo, ehlane.

137 Kodwa wayenoMlayezo ukuba awumemezele, futhi wayenokukholwa eMlayezweni wakhe, ukuthi, "LowoMesiya, ufanele afike, futhi, kuze kuthi, Ukhona lapha phakathi kwenu manje. Ngithi kini, Ukhona omi phakathi kwenu, eningamaziyo, Ozicathulo zakhe angifanele ukuzithwala. Uzonibhaphathiza ngoMoya oNgcwele nangoMlilo."

"UnguBani, Johane na?"

"Angazi."

138 Kodwa ngeliny'ilanga, nakho kuza uMuntu osemusha ehamba ehla ngomfula, uMuntu obukeka ejwayelekile. Nje ese . . . UJohane omdala umBhaphathizi wayemi laphaya, umprofethi omdala obusisiweyo, futhi wabuka ngaphesheya kweJordani. Wathi, "Bheka, nanto iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe."

"UMazi kanjani, Johane na?"

139 "Yena ehlane, owangitshela ukuba ngihambe ngibhaphathize ngamanzi, wathi, 'KuLowo oyobona uMoya wehlela phezu kwakhe, NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele.'"

140 UMlayezo wakhe wawungenakuvela ngesimo sokubheka kwesayense yezenkolo noma inqubo yesivumokholo ethize eyenziwe ngumuntu. Wawufanele uvele ngqo kuNkulunkulu.

141 Ngokuba, uMlayezo wakhe awubanyakazisanga kakhulu kangako. Bacabanga, "O, uthi ukubonile Lokho. Ngingabaza kakhulu impela. Angibonanga lutho. Ngibhekile. O, he! Angibonanga lutho ngakho," abapristi nabanye basho.

142 Kodwa waKubona, futhi siyazi manje waKubona. Impela, wakubona. Kodwa niyaqaphela ukuthi kwatholani na?

143 Akuzange kubanyakazise baphume ekulaleni kwabo. Baqhubeka ngqo, banquma ikhanda lakhe, okufanayo nje. Kodwa aku—kuzange kubanyakazise.

144 Kodwa kwayithola insali, leyo ababenokuPhila kubo, lesosigejane esincane, uAnna no—noSimeyoni, nabambalwa

balabo ababelindele bonke ukuFika kweNkosi. NoAnna, esethempelini, eyimpumputhe, umprofethikazi owayekhonza iNkosi ngemikhuleko. Kwase kuthi-ke ngoluny'usuku ngenkathi ekuMoya . . .

145 NoSimeyoni wayeprofethile futhi wathi, indoda endala, wathi, "UMoya oNgcwele wangitshela ukuthi angiyikubona ukufa ngingakamboni uKristu weNkosi."

146 Ngani, abanye babapristi, niyazi, bathi, "Umfo osegugile bandla, uthe ukuphambana kancane nje, niyazi. Ngani, olunye unyawo lwakhe selusethuneni manje, nolunye luyashelela. Ngani, myekeni kanjalo nje. Ubeyindoda endala ehloniphekile. Kodwa usethe uku . . . "

147 Kodwa, niyabo, wayenani na? Kwembulwa kuye ngoMoya oNgcwele.

148 Leyo yinto efanayo embulwa kini bantu kulentambama. UMoya oNgcwele unilethe lapha ngesizathu esithize. Okunye . . . UMoya oNgcwele! Bukani lababapristi nabefundisi basesontweni lapha abavela eMethodisti, iBaptisti, iKatolika, nabo bonke. Bafuqwe nguMoya oNgcwele. Ihora selilapha. Ngakho uMoya oNgcwele wahamba phezu kwabo, futhi kade beKubhekile, belambile. Manje-ke, nje e . . .

149 Ngoluny'usuku, niyazi, babengenatelevishini. Ayibongwe iNkosi ngalolosuku.

150 Ngakho, bona, babesezansi phansi phezu kwemimango yaseJudiya. Kwabakhona i—iNgane ezalwayo. INkanyezi yabonakala, kanjalonjalo.

151 Kodwa emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili, umama wangenisa iNgane encane, isongwe ngembeleko. Yimbeleko. Ngiyatshela . . . tshelwa lokho kwakuyi . . . Babengenalutho yokwembesa. Kwakuyi—yindwangu encane esuswe ejokeni lenkabi, ngiyatshelwa, leyo kwakuyimbeleko yaKhe. Nakhu kufika oJosefa nabo, bengena naleNgane encane.

152 Sengathi ngiyababona omama bemele emuva ebangeni, nezingane zabo ezincane nezihlotshisiweyo nakho konke. Bathi, "Akenibheke laphaya. Niyabo? Niyabo? Nanguya. Niyabo? Wakhuleliswa yileyandoda. Nangu engena. Lokho, qhelani kuye. Melani kude." Basacabanga into efanayo.

153 Kodwa, uMariya, naleyoNgane eyigonile, akwenzanga mehluko ukuthi bacabangani. Wayazi ukuthi kwakuyiNdodana kaBani leyo.

154 Futhi linjalo lonke ikholwa elemukela iZwi likaNkulunkulu enhliziyweni yawo! Angikhathali ukuthi izinqubo zithini. Niyazi ukuthi Liyini. Yisithembiso sikaNkulunkulu. Lembulwa kini nguMoya oNgcwele, ngenkathi usibekelwa ngaMandla aKhe. Niyazi ukuthi Likuphi. Akukho-muntu onelungelo lokushumayela iVangeli aze ukuba usedibane noNkulunkulu

emuva kwingemuva logwadule kulesosihlahla esivuthayo, okulapho kungekho-nqubo yobufundisi ezweni engaLichaza ilidedise kuwe. Wawulapho. Kwenzeka kuwe. Angikhathali ukuthi izinqubo zithini. Wena ungufakazi wakho. Haleluya! Ngizwa njengaleyondoda endala yekhaladi ebengikhuluma ngayo, "Anginayo indawo phezulu lapha manje." Niyabo? Ngizizwa ngigcwala inkolo impela ngalesisikhathi, uma ngicabanga. Futhi kunjalo. UNkulunkulu, uqobo lwaKhe, wembulile kuwe.

155 USimeyoni wayenesithembiso. Ehlezi ngale lapho etadishela khona ngalokho kusa, o, ngiqagele ngahle ukuba kwakukade kukhona izingane ezingamakhulu amaningana ezangeniswayo, njalo ekuseni. Cishe amaJuda ayizigidi ezimbili nohhafu ezweni, nalezizingane zingena, neziningi zizalwa. Njalo ezinsukwini eziyisishiyagalombili umama kwakufuneka eze, anikele ngomnikelo wokuhlanjululwa. Futhi manje nakhu kufika... uSimeyoni, ehlezi lapho, niyazi, mhlawumbe efunda umbhalo ogoqwayo kaIsaya. Angazi. Kodwa khonamanjalo...

156 Manje, uma uMoya oNgcwele ukwenzele isithembiso, uMoya oNgcwele ufanele usigcine lesosithembiso, uma KunguNkulunkulu ngempela. Yena, uma E...

157 Uma umuntu efika bese esho into ethize, uNkulunkulu engayesekeli, ayisiwo umBhalo, kwase kuqaleni nje. Khohlwa yiyo. Futhi uma ethi injalo, futhi uNkulunkulu esalokhu engayesekeli, iselokhu iyiphutha.

158 Isizathu, uNkulunkulu uhumusha uMlayezo waKhe. Ungumhumushi waKhe Yena. Akushoyo kufezeke, khona uNkulunkulu wathi, "Mzweni, ngokuba kuyiQiniso." Yilokho kuphela okuhluzile engqondweni. Uma ethi kuyenzeka, futhi kwenzeke, lokho kuyakusho. Kufanele kube ngaso sonke isikhathi, yiQiniso impela, ngoba uNkulunkulu akawakhulumi amanga.

159 Futhi ngakho-ke nangu uSimeyoni ehlezi lapho, ethatha ukuhlushwa. Wayeyinsali. Wayezwile ngoJohane, nensali encane yalolosuku. Futhi nangu wayehlezi lapho, elalele lombhalo ogoqwayo, azi. Ngiqonde ukuthi, azi ukuthi uJohane wayeza, ngoba wa—wayeyinxenye yensali. IZwi lembulwa kuye. Futhi khonamanjalo, ngenkathi iNgane ingena ethempelini, kwase kungumsebenzi kaMoya oNgcwele-ke ukwembula ukuthi Yase ilapho. Ngakho yena, efuqwa nguMoya, uyaphuma endlini encane yokutadishela, wehlela ngqo edabula ehholo, wazithela kulowomugqa wabesifazane. Eza ehla ngqo ehamba ngakulowomugqa wabesifazane waze wafika ezansi lapho leNgane encane yayikhona, bonke babeqhela kuyo. Waqukula iNgane wayigona, wathi, "Nkosi, sale usumukisa ngokuthula inceku yaKho, ngokuba amehlo ami abonile iNsindiso yaKho."

160 Futhi ngalesosikhathi, omunye wabakhethiweyo abancane ngalolosuku, kwakunguAnna, umprofethikazi. Wayehlezi laphaya, eyimpumputhe, ekhoneni. Wasukuma, eyimpumputhe. Nangu eza, eholwa nguMoya, phakathi kwabo bonke abesifazane nabantu beminyana bengena bephuma ethempelini, waze weza ngqo lapho uMntwana uKristu ayekhona.

161 Uma uMoya oNgcwele wakwazi ukuhola owesifazane oyimpumputhe aye kuYe, kuthiwani-ke ngeqembu lamaPentecostal ofanele ukubona ngamehlo akho okubona na? Ngeke ngisaqhubekela phambili. Niyazi, kusukela lapho kuqhubeke. Qaphelani. O, he! Ukuthi lelobandla lifanele ukuthi lalisengxovangxoveni embi kakhulu kanjani futhi, lifanele ukuthi lalikuyo impela, ngalolosuku! Kodwa kwazamazamisa insali encane, njengoba ngishilo.

162 Manje ake sibe qotho. Uma sibona lelobandla likulesosimo namhlanje, asifikile yini kulesosikhathi futhi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje bukani izinto zesithembiso nje, seBhayibheli, eziyokwenzeka ebandleni ngalesisikhathi. Siyabona ukuthi kwenzekani ezweni, futhi siyabona ukuthi lisekugcineni kwalo. Manje ake sibuke ibandla.

163 Lona, ibandla, laba nezinhlungu zokuzala phansi kukaLuther. Manje, siyazi kukhona iminyaka yebandla eyisikhombisa, nezithunywa eziyisikhombisa kuleyominyaka yebandla, ngokweZambulo. Manje, ngenkathi uLuther wayedingeka ukuba avele, ngempela kwaphosa ibandla ebuhlungwini bokuzala, kodwa laveza uLuther. Kunjalo.

164 Emva kwalokho, langena enkathazweni futhi, ngakho laveza uWesley. Kunjalo.

Laqhubeka futhi, futhi laveza iphentekoste.

165 Ngasinye salezozithunywa zomlayezo wazo, zazamazamisa i. . .kubuyelwe eZwini, uMlayezo wonyaka wazo, uMlayezo wangokweBhayibheli. Nginezayo, incwadi, ephuma kuleyo, izihlaziyo zezahluko ezine zokuqala zeZambulo. Ifundeni, masinya nje uma sesiyishicilele. Futhi iyafakaza, ngale kwethunzi lokungabaza, ukuthi umlayezo kaLuther wawuyini, ukulungisiswa; ukuthi ukungcweliswa kuyini, indlela eqhubekayo elandelayo ngukuzalwa ngokwemvelo. Bese-ke kufika amapentecostal, impela.

166 Manje, qaphelani, unyaka ngamunye wazamazamisa ibandla futhi ulinika izinhlungu zokuzala. Kodwa benzani na? Emva kokufika kwezinhlungu zokuzala, esikhundleni sokuqhubeka neZwi, bahlanganisa isigejane samadoda njengoba kwenza elokuqala nje. Kuyikho impela. Khona impela emva kokuzamazamisa kwabaphostoli, manje-ke silithola lichezuka futhi. Manje-ke sithola ukuthi, nakhu kufika abaningi babanye, uAgabus nabaningi babaguquli emuva ekuqaleni. Unyaka ngamunye wase wenzile, njengoba nitadisha

uMkhandlu wangaPhambi kweNayisiya, oBaba neNayisiya, nabo bonke emuva. Nikuthola konke phakathi lapho. Unyaka ngamunye wazanyazanyiswa, ngaso sonke isikhathi isithunywa sivela no ISHO KANJE INKOSI.

167 Manje selisezingeni elibi kakhulu, ukuthi, ngokomBhalo, eselake laba kulo. Sisonyakeni webandla laseLawodikeya, "Ocebile, kodwa unyaka webandla ophuphuthekile, elingakwazi."

168 Kwakungekho-ndawo eBhayibhelini lapho uKristu ake akhishelwa khona ngaphandle kwebandla, kodwa unyaka webandla laseLawodikeya. Lisonyakeni omubi kakhulu. Libole ukwedlula konke elake laba yikho. Lathi, "Ngihlezi njengendlovukazi, kangiswele-lutho."

169 "Kanti kawazi ukuthi uhamba-ze, ungowokuhawukelwa, uphuphuthekile, umpofu, kanti kawazi." Yebo, mnumzane. Wathi, "Ngiyakweluleka, ukuba uze uthenge umuthi wokugcoba amehlo kiMi, ukuze Ngivule amehlo akho." Futhi ngempela lokho kuzo—lokho kuzo . . . Umuthi kaNkulunkulu wokugcoba amehlo ngempela uzoletha ukuKhanya ebandleni uma lifuna ukuvula amehlo alo kulokho uNkulunkulu akushilo.

170 Qaphelani, ngokushesha manje. Manje, likulelozinga, ngaleya kwethunzi lokungabaza. Sisonyakeni webandla laseLawodikeya.

171 Manje, isithunywa saLo siyethenjiswa, kuMalaki isahluko 4. Sethenjiswe ukukwenza. NoMlayezo uzobuyisela iZwi, ubuyisele abantu eZwini. Ukuzalwa kuzoba njalo. Lizobelethwa, ngokuZalwa okusha, ngokuvela ngokukaMalaki 4.

172 Ebandleni lezwe namhlanje, kukhona izinqubo ezimbili ezisebenzayo. Manje lalelisisani impela. Manje ngifuna ukubona uma nizothi "amen" kulokhu. Zimbili izinqubo ezisebenzayo ebandleni lezwe namhlanje. Ngizokususa lokhu ehlombe lami, bese-ke ngedlula ngakho. Sonke siyakwazi lokho lelo yiZwi likaNkulunkulu, nenqubo yobuhlelo. Nazo izinqubo ezimbili zisemsebenzini. Njengoba zazinjalo nje, uJakobe noEsawu; omunye elandela uMoya, omunye elandela inyama. Futhi kuyini na? UEsawu noJakobe wayelwa ezizalweni zikamama, kwaze kwaba ngisho nasesikhathini abazalwa ngaso. Futhi banjalo abamahlelo neZwi, belwa, omunye emelene nomunye. Kade benjalo, selokhu uLuther kuqala eletha inguquko yokuqala. Ngiyethemba lokho kulula ngokwenele ukuthi ningakuqonda. Niyabo?

173 Lamadoda, uma ecosha *Lokhu* futhi iphume naKho, angenza okuningi okuhluzile kuKho, niyabo, ukuKuletha endaweni ongathanda kuyo. Ngifuna nje ukubeka leMbewu, bese-ke ngethemba ukuthi baYenza ize ekuPhileni. Qaphelani. Niyabo?.

174 Bekuhlala njalo kuyilokho. Yingalesosizathu lithwala izinhlungu zokuzala, ngoba kukhona ukulwa phakathi kulo.

175 Kukhona uEsawu, umuntu wezwe nje, ukholwa impela. Futhi, o, ulungile, umfo olungileyo, uhlanzekile, uziphethe kahle, ngokwazi kwami ngaye, kodwa akazi lutho ngalelofa loBuzibulo. Uzalwe ngaleyondlela. Ubunjwe ngaleyondlela.

176 NoJakobe, angikhathali ukuthi uyini, ufuna lelofa loBuzibulo. Ungowomoya.

177 Futhi bona bobabili, namhlanje, usesizalweni sebandla. Kukhona inqubo enkulu ezama ukubunjwa, ebizwa ngoMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Futhi esizalweni sebandla kuzophuma abantwana ababili. Amakeni nje amazwi ami. Izwe li . . .

178 IZwi lifanele libelethe iBandla elinguMlobokazi weZwi. IBandla lifanele libelethwe yilo, uMlobokazi kaKristu. Labo abalala kuyo yonke iminyaka bayokwenza lowoMlobokazi ophumela eZwini aphuma kulo, njengokusuka ezinyaweni zakho uza ekhanda lakho. Liya—liya ngokuba likhulu, futhi ufanele ube nokuningi, kanjalonjalo. Njengomzimba ukhula uya phezulu, kanjalo noMzimba kaKristu ikhula uya phezulu. Futhi kothi-ke ekugcineni iNhloko iyoza kuWo, iNhloko yaWo iyofika, manje, uma siqaphela, ngoba wonke U—uhlangane eNhlokweni. INhloko iyaphenduka, idonsa.

179 Kodwa lezizinqubo ngeke zikhule ziphuma kuWo, ngoba yinqubo, futhi ingeke yathela. Ugudluthekela ungeke wathela isixheke sikakolo. Kodwa kokubili kusensimini efanayo, kuniselwa amanzi afanayo, nokukhanya kwelanga okufanayo. Okunye yiZwi; okunye akusilo iZwi. Nalabo bobabili bayalwa. Kade belwa selokhu kwaba senguqukweni yokuqala, futhi basalwa.

180 Manje, angidingi ukuba ngibe ngisaqhubeka nalokho, ngiqhubeke na? Impela niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yebo, mnumzane. Nakho lapho esikhona. Nakho lapho enikhona, inqubo. Ukuyiphi inqubo na?

181 Ake nicabange nje manje, ukuba nanikade niphile emuva kwezinye izinsuku, phansi kokuhlukunyezwa kwabaprofethi bakaNkulunkulu namaZwi aphumayo, yiluphi uhlangothi enaniyofuna ukuba ngakulo emuva lapho na?

182 Awu, ninokukhetha okufanayo namhlanje. Lilungiselela ukuzala iZwi eliphelele emuva lapho, neZwi lizela iZwi Mlobokazi. Njengowe—wesifazane uyinxenye yowesilisa, uthathwe kuye, ngakho iBandla lizofanele libe yiBandla eligcina iZwi, lonke iZwi leBhayibheli; hhayi izinqubo, imibhedesho, noma lutho olwenezelwe kuLo. Liyodingeka libe ngelingaxutshwe nalutho, elimsulwa, iZwi eliyintombi. Kunjalo.

183 Futhi ngezinsuku zokuKhanya kukaLuther, ngenkathi kuvala ibhawodi lebandla, ukuphoqa kukaLuther. Laya phansi kwezinhlungu, kodwa uyaphuma, "Abalungileyo bayakuphila ngokukholwa. Futhi *lesi* akusiso isidlo."

184 Manje, siyathola, ukuthi, phansi kwezinsuku zikaJohn Wesley, laba nezinhlungu futhi, kodwa kwabakhona—kwabakhona uWesley ozalwayo. Kodwa wenzani na? Wabuyela emuva ngqo njengoba kwenza umama.

185 Kwase kuthi phansi kwezinsuku zamapentecostal, uyihlo nonyoko bayaphuma phansi kwaleyonto futhi bayizonda. Baphumela emgwaqeni, unyoko engafake masokisi abesifazane, eshaya ikani elidala lethini, futhi ekhuluma ngomBhaphathizo kaMoya oNgcwele, nesiginci esithile esidala. Babelala phandle emizileni yamathilamu, bahlale ubusuku bonke ejele. Futhi thina sinesitashi kakhulu, futhi sibuyele ngqo sangena enhlanganweni futhi sazenzela thina inkucunkucu efanayo. Badonsa abantwana babo bababuyisele ngqo kulokho abaphuma kukho. Ukuba bebengaguquka ethuneni labo. Bebeyoba namahloni ngani. Ngiyazi ukuthi lokho kunzima, kodwa kuyiQiniso. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

186 Wena uthi, "Bengicabanga ukuthi ububathanda abantu." Uma uthando lungaqondisi, pho ungaluveza kanjani uthando na? Uthando luyaqondisa. Futhi ngiyalithanda izwe . . . ngi—ngiyalishisekela ibandla likaNkulunkulu.

187 Nokubona lezizinqubo elibophela phansi kwemibhedesho, kusuka kubole. NoNkulunkulu ememezela iZwi laKhe ukuthi liyiQiniso, futhi basalokhu bebambelela kuyo. Amen. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho kuqinisile. Niyazi ukuthi kuyiqiniso, mfowethu, dadewethu. ["Amen."] Lokho nje yiLokhu. Leyo yindlela elula yokuKusho. Aku—kusikho ukuhlaziya kwesiGreki, nezinto, kodwa ngukuhlaziya nokukhombisa umqondo ohluzile. Impela ningakuqonda Lokho. Okubili nokubili kune. Niyabo? Manje siyazi ukuthi Lokho kuqinisile.

Manje, iZwi lifanele liveze uMlobokazi.

188 Kodwa inqubo endala ifanele igcine umfanekiso wayo. Ifanele iveze uEsawu owathengisa ngamafa obuzibulo bakhe.

189 Nakhu kufika. Ngiyakuzwa. Ngethemba ukuthi anicabangi ukuthi ngiyahlanya. Kodwa uma ngihlanya, ngiyekeni. Ngizizwa ngikahle ngalendlela. Ngingcono ngalendlela kunoma nganginjalo ngenye indlela. Ngi—ngingahle ngihlanye, ezweni. Ngi—ngi—ngiyazi ukuthi ngikuphi. Ngiyazi ukuthi ngimi kuphi.

190 Bukani. Izoveza ingane ezalwe ifile, inqubo yobufundisi ezohlanganisa onke amahlelo, ukuveza uEsawu ozonda uJakobe. Amen. Ngethemba ukuthi niyakubona, elizalwe lifile, ihlelo elifile, onke ehamba ndawonye.

191 O, makholwa eZwi, lalelani uMlayezo wami. Ngizweni, hhayi uMlayezo wami, kodwa uMlayezo waKhe Awumemezela ngokugxilile ukuthi uyiQiniso. Nifanele nikhethe ndawondawo. Ngeke nahlala nithule emva kwalokhu. Nifanele nizikhethele.

192 Niyakhumbula ngoluny'usuku, ezansi eWestward Ho lapho, ngalokho kusa, kulokho kudla kwasekuseni, ukuthi iNkosi yangivumela kanjani ukuba nginibonise lowokolo na? Ukuthi ukhule kanjani wedlula kuLuther, wedlula kuWesley, nezintshakaza, kanjalonjalo, imiqumbe emincane isombululeka, onke amabandla emelwe ohlangeni lokusanhlamvu. Wayesehla ngqo eyongena kulowokolo, njengoba kwakunjalo, futhi kwakukhona lelokhoba elincane, libukeka nje impela lifana nohlamvu lwangempela lukakolo. Uma uphuma futhi ubuke, uma ungawazi ukolo wakho, uyothi unokolo lapho, kodwa yikhoba nje. Bese-ke uvula lelokhoba, akukho-kolo lapho, nhlobo. Emuva le, kukhona umqumbe omncane wokuphila ovelayo. Uthatha ingilazi bese uwubuka. Futhi ngenkathi iPhentekoste kuqala iphuma, kwakusondelene kakhulu, uJesu washo kuMathewu 24:24, "Uyodukisa nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Kwakuzokwenzani na? Ukwesekela uhlamvu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, intshakaza . . .

193 Bukani lapha. Udlebe alubukeki lufana nohlamvu olungenile, kanjalo nentshakaza, kodwa kubukeka kufana kakhudlwana nalo. Nekhoba lifana kakhulu nalo, kodwa kusalokhu kungesiwo ukolo. Ngumthwali wokolo.

194 Aniboni yini ukuthi leyomilayezo uze nobuhlungu bokuzala na? Kodwa ukuPhila kwasuka kwaphuma khona lapho, ukuba kuye emlayezweni olandelayo. UkuPhila kwaphuma ngqo kuLuther, kwangena emlayezweni kaWesley. Kwaphuma ngqo emlayezweni kaWesley, kwangena emlayezweni wamapentecostal. Manje sekuyisikhathi futhi, ukusuka ekhobeni. Yini indaba na? Kukhona imvelo, kuso sonke isimo, imemezela ukuthi kuyiQiniso.

195 Manje niyabona ukuthi kungani nicabanga ukuthi ngiyahlanya. Mhlawumbe nginjalo, njengoba ngishilo. Kodwa kukhona Into ekimi. Angikwazi ukuYiyekisa. Angizange ngiYibeke lapho. Ayififiki neze ngokwami ukukhetha. NguNkulunkulu. Futhi UyaKuqinisa, ukufakazisa ukuthi KuyiQiniso, uKukwenza iQiniso. Akusikho ukuthi kukhona engimelene ngakho noLuther, noWesley, amaPentecostal, noma amaBaptisti, noma ubani. Anginalutho engimelene ngalo nomuntu. Inqubo yilokho engimelene nakho, ngoba iZwi limelene nayo; hhayi abantu. Bukani lababapristi nabefundisi basesontweni abahlezi lapha, namhlanje. Bebengeke babe lapha uma bebelalele inqubo, kodwa bebenesibindi, seZwi likaNkulunkulu, ukuba baphume futhi baLemukele. *Haleluya* kusho ukuthi "dumisani uNkulunkulu wethu." Ngeke

kunilimaze. [Omunye uthi, "Amen."—Umhl.] Kusho ukuthi "makube njalo." NgiyaLikholwa. Ngiyakholwa futhi ngiyazi ukuthi LiyiQiniso. Liqinisiwe ukuthi liyiQiniso. Ngoluny'usuku niyothola, mhlawumbe isikhathi sesedlule. Manje bhekisisani. Bhekisisani.

196 IBhayibheli lathi, "uMkaLo Uzilungisele," ekupheleni konyaka. WaZilungisela kanjani na? Ukuba abe nguMkaLo. Futhi Wenzani na? Nhloboni yengubo Ayeyembethe na? IZwi laLo uQobo. Wayembethe ukuLunga kwaLo. Yilokho-ke. Liqinisile. Niyabo?

197 Umbono! Qaphelani, sengivala nje manje. Ngifuna ukusho lento eyodwa ngaphambi kokuvala nje. Yilokho okungiholele ukuba ngisho lokhu. Manje, kungu ISHO KANJE INKOSI. Uma umuntu ubengasho lokho, ngaphandle, kokukubeka ekucabangeni okungokwakhe, ubengaba ngumzenzisi futhi ufanele aye esihogweni ngakho. Kunjalo. Ukuba ubengazama ukuthola isigejane sabantu, abantu abahle njengalaba, futhi abadukise, ngani, ubengaba ngudeveli esenyameni yomuntu. UNkulunkulu ubengeke amhloniphe. Nicabanga ukuthi uNkulunkulu ubengahlonipha udeveli noma amanga na? Lutho. Niyabo? Kweqa ngaphezulu phezu kwamakhanda abo, futhi abakutholi. Udonsela abaKhethiweyo ngaphandle.

198 Bukani bonke abaprofethi onyakeni, ukuthi Wabathola kanjani abaKhethiweyo.

199 Bukani, kuza kwehla, ngisho nasenguqukweni. Njenge, ibandla eliRoma Katolika lashisela uJoan of Arc esigxotsheni, ngokuthi ungumthakathikazi. Kunjalo. Kamuva bathola ukuthi wayengesuye. Wayengongcwele. Kusobala, benze ukuzihlawulisa, bagubha amathambo abapristi base bewaphosa emfuleni. Kodwa, niyazi, kodwa lokho akukuxazululi ezincwadini zikaNkulunkulu. Qhabo. Babiza uPatrick oNgcwele ngaye, naye, niyabo, futhi cishe naye ufana kakhulu nje njengoba nginguye. Ngakho, siyaqaphela, bukani abantwana bakhe. Bukani indawo yakhe, phezulu, bukani ukuthi bangaki ababulawayo. Bukani ukufela ukholo futhi nibone ukuthi bangaki owabulawa lapho. Niyabo, akunjalo.

200 Kodwa ukusho kwabantu, lokho akukwenzi kube njalo. Kuyilokho okwashiwo nguNkulunkulu futhi uyakufakazisa, ukuthi kuyiQiniso. "Vivinyani konke. Nibambisise okuhle."

201 Manje siyathola, manje, lapha cishe ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ngokunye ukusa, ngangihamba ngiphuma endlini, kwase kufika umbono.

202 Futhi ngiphosela inselelo noma ubani lapha, owazile kuyo yonke leminyaka, ukuba asho noma ngasiphi isikhathi iNkosi eyake yangivumela ngisho u "ISHO KANJE INKOSI" ngaphandle kwalokho okwenzekayo. Bangaki owaziyo ukuthi kuyiQiniso, phakamisa isandla sakho. [Ibandla lithi,

"Amen."—Umhl.] Kunjalo. Ukhona ongakhuluma okuphambene na? [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane. Ibandla lithule.] Kuyiqiniso.

203 Ningasinaki nhlobo isithunywa. Bukani uMlayezo okuyiwo. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yilokho-ke. Niyabo? Akusikho lokho. Ningamnaki omncane [Akuqoshwanga eteyipini.] onempandla, niyazi, umuntu, ngoba nje yisi—yisidalwa esingumuntu nje, konke, futhi nje sonke siyafana. Kodwa bhekisisani ukuthi kwenzekani. Yilokho okukumemezelayo. Kwathathwa . . .

204 Manje, ngiyazi abantu basho zonke izinhlobo zezinto, futhi siyazi ukuthi inqwaba yakho ayilungile. Ngeke ngaphendula ngalokho omunye a, noma yimuphi umuntu akushoyo. Ngifanele ngiphendule lokho engikushoyo. Ngingasho kuphela ukuthi kuyiQiniso, noma qha. Futhi yimi—yimi—yimi enginesibopho ngakho, hhayi okushiwo ngomunye umuntu. Ngeke ngehlulela-muntu. Angithunyelwanga ukwehlulela, kodwa ukushumayela uMlayezo. Qaphelani.

205 Ngangizoba na—nalokho iBandla eliyoba yikho. Futhi ngathathwa Omunye engangingamboni, futhi ngahlaliswa phezu kwe, sengathi, yindawo yokuma. Futhi ngezwa umnyuziki omnandi ukwedlula wonke engake ngawuzwa. Futhi ngabuka, kuza, nesigejane samanenekazi amancane, cishe, ebukeka sengathi anemi, o, lapha eminyakeni engamashumi amabili, ishumi nesishiyagalombili, amashumi amabili. Futhi onke ayenezinwele ezinde, futhi ayegqoke izingubo ezehlukene, uhlobo, izingubo. Futhi ayemasha njengokuphelele nje ngesinyathelo, nalowomnyuziki, ngakho konke. Futhi ahamba esuka ngakwesokunxele sami, ezungeza *kanje*. Futhi ngawabhekisisa. Futhi ngabheka-ke ukuba ngibone ukuthi ubani owayekhuluma kimi, futhi angikwazanga ukubona-muntu.

206 Ngase ngizwa ibendi yomculo wokuzibinya uza. Futhi lapho ngibheka ngakwesokudla sami, ukhuphuka *ngapha*, ubuya, nakhu kuza amabandla ezwe. Namanye e . . . Ngalinye ephethe ifulege lawo, lalapho ayevela khona. Enye yezinto ezibukeka zingcole ukwedlula konke engake ngakubona empilweni yami! Futhi ngenkathi ibandla laseMelika likhuphuka, lalilibi kabi ukwedlula konke engake ngakubona. UBaba waseZulwini ungumahluleli wami. Babegqoke leziziketi ezimpunga ezifethezelayo, njengenye yalamantombazane asebhareni, kungekho-mhlane kuso, phezulu *lapha*; bekulengise njengesiqephu sephepha elibukeka limpunga; futhi njengokudansa ihula uvevezelise izingalo; upende; isikhindi, izinwele eziphunguliwe; ukubhema osikilidi; nokutwista, lapho ziya emculweni wokuzibinya.

Ngase ngithi, "Ngabe lelo yibandla laseUnited States na?"

NePhimbo lathi, "Yebo, yilo."

207 Futhi ngesikhathi edlula, ayekubamba *kanje*, bese ebeka iphepha phambi kwawo ngenkathi edlula.

208 Nga—ngaqala ukukhala. Nga—ngacabanga nje, "Kukho konke ukuzikhandla kwami, nakho konke engikwenzile." Nayo yonke into thina befundisi esiyisebenze ndawonye. . . Futhi, bazalwane, a—angazi ukuthi ningakholwa kangakanani ngalemibono; kodwa yiQiniso, kimi. Bekuhlala njalo kufakazisa ukuthi kuqinisile. Ngenkathi sengibone lokho, futhi ngazi ukuthi kwakwenzekani, inhliziyo yami kwathi mayephuke kimi. "Ngenzeni na? Ngikugeje kanjani na? Ngihlale ngqo naleloZwi, Nkosi. Futhi bengingakwenza kanjani na?"

209 Ngacabanga, "Kungani Unginike umbono, esikhathini esingeside esedlule, futhi wangibona Lapho na? Ngase ngithi, 'Awu, ngabe bazokwehlulelwa na?' Wathi, 'Iqembu likaPawulu, nalo.' Ngathi, 'Ngishumayele iZwi elifanayo alishumayela.'" EloSomaBhizinisi abangamaKristu lalinendatshana yakho. Ngase ngithi, "Ngani na? Kungani kufanele kube njena na?"

210 Ngasibona lesosigejane sezifebe sedlula kanjalo, zonke zigqoke kanjalo, futhi zabizwa ngokuthi, "Ibandla likaNkosazana U.S.A." Nga—ngavele ngaquleka.

211 Manje-ke, ngokuqondile, ngezwa lowomnyuziki omnandi ngempela uza futhi, futhi nakhu kuza lowoMlobokazi omncane ofanayo wedlula futhi. Wathi, "Yilokhu okuphumayo, nokho." futhi ngenkathi Edlula, Ufana ncamashi naLowo owayenjalo endaweni yokuqala, ehamba ngesinyathelo somnyuziki weZwi likaNkulunkulu, emasha edlula. Futhi ngenkathi ngikubona, ngama lapho izandla zombili ziphezulu, ngikhala, *kanjalo*. Lapho kuthi dwe kimi, ngangimi egosini lami phandle lapho, ngibuka phandle ngaphesheya kwensimu ngqo.

212 Ini? Uzoba nguMlobokazi ofanayo, uhlobo olufanayo, owakhiwe ngohlobo olufanayo lwempahla Ayeyilo endaweni yokuqala. Manje fundani uMalaki 4 futhi nibone ukuthi asifanele yini ukuba noMlayezo ngezinsuku zokugcina, oyaku "phendulela izinhliziyo zabantwana zibuyele kobaba," zibuyele eMlayezweni wephentekoste wasekuqaleni, iZwi ngeZwi. Bafowethu, silapha.

213 Manje, lelibandla lifanele lithole isibonakaliso, nophawu lwalo lokugcina. Siyathola lapha, e—e—emBhalweni, niyabona manje, niyabo, izinhlungu zokuzala ezinkulu okukulonyaka waseLawodikeya. Kuyakhathaza. Ibandla labo lizalwa ngokusha. Hhayi . . .

214 Ayisoze yabakhona enye inhlangano. Noma ubani uyazi ukuthi njalo uma kuphuma umlayezo . . . Buza laba usomlando. Emva kokuba umlayezo usuphumile, kuphuma inhlangano kuwo; o, uAlexander Campbell, konke okunye, uMartin Luther, nakho konke. Benza inhlangano ngawo. Futhi

ngokwejwayelekile umlayezo uhamba kuphela cishe iminyaka emithathu, imvuselelo. Lona ubuhamba iminyaka eyishumi nanhlanu, futhi bekungekho-nhlangano evela kuwo. Ngani? Ikhoba laba ngelokugcina. Sisekupheleni.

215 Niyazibona izinhlungu zokuzala na? Niyabona ukuthi yini indaba na? Insali nje eyokhishwa. Insali nje eyokhishwa. Futhi yingakho ngikhala, futhi ngikhamelela, futhi ngifuqa, futhi ngibeka eceleni wonke umusa womuntu wasemhlabeni, ukuba ngifumane umusa kuNkulunkulu, futhi nje ngiqhubekela phambili eZwini laKhe.

216 Lisebuhlungwini. Yileyo indaba. Lizozala. Lifanele lenze ukukhetha kwalo. Isandla esilobayo sisodongeni. Sibona umhlaba usuthi nje awulungele ukuhamba. Kunjalo. Futhi sibona ibandla, libole kakhulu, selithi alilungele ukuhamba. Nezinhlungu zokuzala kukukho konke okwakho, kukho kokubili izwe nebandla.

217 Futhi sekuthi akubekhona izwe elisha elizozalwa, neBandla elisha elizalwayo, ukuba siye kulo, lesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Siyakwazi lokho.

218 Bukani. UNkulunkulu ulinika...Futhi lalelani kulokhu nisondele, ngizobe sengivala-ke. Isibonakaliso salo esesingesokugcina, uMlayezo walo osungowokugcina, isibonakaliso salo esesingesokugcina. Isibonakaliso salo esesingesokugcina, singukuthi, lifanele lingene esimweni njengoba lalinjalo ekuqaleni; izwe, ibandla.

219 Bukani ukuthi lalinjani ekuqaleni, yonke leyominyaka, ngaphandle, kusukela kuMalaki kuze kube nguJesu. Libukeni, yonke iminyaka manje. Libukeni, konke emuva lapho, ukonakala abangena kukho. Bukani umhlaba, ukuthi wawunjani isikhathi, ngasinye, njengasemihleni kaNowa, kanjalonjalo. Uzofanele ube sohlobweni olufanayo lomfanekiso, futhi siyakubona lokho. "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa." Sibona zonke lezizinto zikwenza iphethini nje.

220 Manje-ke, sithola isibonakaliso esisodwa esesingesokugcina. KuLuka, isahluko 17, ivesi 28, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Ngokuba, njengoba kwenzeka eSodoma, niyabo. Manje, uJesu wafunda iBhayibheli elifanayo, uGenesisi ofanayo esimfundayo. Manje, sondelani, ningakugeji. IBhayibheli elifanayo esilifundayo, uJesu walifunda. Futhi Wathi eBandleni laKhe, "Bukani emuva futhi nibone nxa imihla yaseSodoma ubuya futhi," abantu abaphendukezelwe, amadoda elahlekelwa okwawo kwemvelo.

221 Bukani ubungqingili, ukuthi kwanda kanjani emhlabeni wonke namhlanje, ephephandabeni khona maduze nje. Anibolithatha eofisi lami futhi nifunde izincwadi ezivela komama, ngabafana babo. Nobungqingili buyanda nge,

ngiyacabanga, bungamaphesente angamashumi amabili noma amashumi amathathu e—eCalifornia, yodwa, ngaphezu konyaka odlule. Esikhulu isigejane sa . . . sabantu ngisho bakahulumeni, kufakazeleke ukuthi bangongqingili. Nina madoda kahulumeni niyakwazi lokho. Iphephabhuku lenu, ngalifunda, nasezintweni ezehlukene eyenzekile. Uma ni . . .

222 [Udade ukhuluma ngolunye ulimi, ebese enikeza ukuhumusha-ke. Yena lowodade futhi ukhuluma ngolunye ulimi, ebese ephinda enikeza ukuhumusha. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

223 Nginokuqonda okuyikho komBhalo. Yilokho impela uNkulunkulu athi kuyokwenzeka. "Okhuluma ngolimi makakhulekele nokuthi ahumushe futhi."

224 Lokho kuba yiqiniso. Nginitshele iQiniso, khona-ke uNkulunkulu ulapha, eLiqinisa. YiQiniso. Lokho kuqinisile.

225 Manje bukani. Wawuyini lowoMlayezo wokugcina uJesu awushoyo na? "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," manje bhekisisani, ngaphambi nje kokuba izwe labeZizwe lishiswe, umlilo. Manje zamani ukuqonda. Kwenzekani na? Kwakukhona isigejane sabantu, amalunga ebandla elisivivi, njengoLoti neqembu lakhe ezansi eSodoma. Kwakukhona omunye umuntu owayesevele ephumile kulo. Wayengekho kulo, kwasekuqaleni nje. Lowo kwakunguAbrahama, lo owayenesithembiso sendodana ezayo. Niyaqonda na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

226 Futhi, manje, ngaphambi nje kokuba uvuthwondaba lwembubhiso lufike, uNkulunkulu wabonakala kuAbrahama ngezimo eziningi, kodwa ngalesisikhathi Ubonakala njengoMuntu. WayenguMuntu. Futhi ukhuphukela kuNkulunkulu.

Manje, wena uthi, "Kwakungesuye uMuntu."

227 Kwa—kwa—kwa—kwakunguNkulunkulu ekuMuntu. UAbrahama waMbiza ngokuthi, "Elohim." KwakunguMuntu.

228 Futhi, bukani, Wahlala phansi, Efulathele ithende, Wayesethi, "Uphi uSara, umkakho na?"

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

229 Wathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila, ukuthi Ngikwenzele isithembiso." NoSara wahleka. Wayesethi, "Uhlekeleni uSara na?" Niyabo?

230 Manje, yilokho okwakwenzeka ngalolosuku. Ukukhombisa nje isibonakaliso sokugcina uAbrahama asibonayo, iqembu eliKhethiweyo ladonselwa ngaphandle, likude neSodoma. Manje, ningawugeji lomzekeliso, noma ngabe yini eniyenzayo. Iqembu elalikade lidonselwe ngaphandle, elalingekho eSodoma, kwase kuqaleni nje.

231 Kodwa iziNgelosi ezimbili zehla zayongena eSodoma. Futhi ngenkathi Sezifika ezansi lapho, sithola uLoti. Futhi Yamthola esesimweni sokuhlubuka, bonke ongqingili nezimpendukezelo. Niyayazi indaba.

Kodwa Ikhona eyahlala noAbrahama, yayinguElohim.

232 Zashumayela iVangeli ezansi lapho. Zishumayela iZwi zabashaya baba yizimpumputhe, futhi abakwazanga ukuthola umnyango. Yilokho-ke namhlanje.

233 Kodwa Leyo eyayineqembu eladonselwa ngaphandle, yenze isimangaliso phambi kuka-Abrahama, ukukhombisa ukuthi YayinguBani, futhi yayinoAbrahama.

234 Yathi, "Uhlekeleni uSara na?" mayelana nalengane. Futhi uSara uyaphuma wayesethi akahlekanga. Yayisithi, "Kodwa yathi uhlekile." Futhi Yayizombulala khona lapho ukuba wayengesiyo inxenye ka-Abrahama.

235 Kanjalo uNkulunkulu ubeyosibulala ukuba sasingesiyo inxenye kaKristu. Isihawu sikaKristu sonke sisibambe ndawonye, thina bangabazi nezimpendukezelo eZwini.

236 Kodwa, qaphelani, qaphelani ukuthi kwenzekani. UJesu uphenduka uyajika manje, futhi uthi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ngesikhathi sokuphela lapho iNdodana yomuntu iqala ukuzembula Yona." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Niyabo? "INdodana yomuntu" njalo, eBhayibhelini, ngu*mprofethi*. Niyabo? Ufika ngeGama elithathu lendodana: iNdodana yomuntu, iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana kaDavide. Niyabo? Futhi Walimemezela iGama laKhe, "iNdodana yomuntu," ngoba lowo ngumsebenzi Ewenzile, womprofethi, umboni. Wathi, "Emihleni njengoba kwenzeka kuNowa, ngenkathi iNdodana yomuntu iqala ukuzembula Yona, leso kuyoba yisikhathi sokuphela."

237 Manje ake sicabange nje, umzuzu nje. Alikaze izwe libe nesithunywa phezu kwezwe. Sibe nabo oFinney, oSankey, oMoody, oFinney, uKnox, uCalvin, kanjalonjalo, umhlaba wonke jikelele, izithunywa ebandleni kulezizinhlungu zokuzala. Kodwa asizange sibe nomuntu ophuma nomlayezo womhlaba wonke, kuze kube yilolusuku, igama lakhe ligcina ngo h-a-m. A-b-r-a-h-a-m, okuyizinhlamvu eziyisithupha . . . A-b-r-a-h-a-m yizinhlamvu eziyisikhombisa.

238 Sinaye namhlanje othiwa ngu G-r-a-h-a-m, izinhlamvu eziyisithupha, nesithupha yinombolo yezwe, usuku lokudalwa. Lake laba nini izwe nomuntu phansi kuyongena kulo manje, eshumayela phansi kwi *kosmos*, ezansi lapho ezweni, ezansi lapho ebizela abantu ngaphandle, "Phendukani, phendukani! Nibhubhe, noma niphume kulo," kuze kube yilonyaka na? U G-r-a-h-a-m, bukani ukuthi wenzani, eshumayela iZwi, ephuphuthekisa abangaphandle, ebiza, "Phumani," isithunywa esivela kuNkulunkulu. UJesu wathi lokho kuyokwenzeka lapho

nje iNdodana yomuntu iyozembula Yona. Manje, lokho, kukuphi lokho na? Phandle lapho ezimisweni zebandla, izwe. Futhi baqala ukumzonda umuntu, ngakho.

239 Kodwa, khumbulani, kwakukhona iqembu, futhi, elaliyiqembu likamoya, iqembu likaJakobe, hhayi i— hhayi iqembu likaEsawu. Kukhona iqembu likaJakobe lalibheke indodana, lelo laliungekho eBabiloni, futhi bemukela isiThunywa. Niyaqonda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Abraham, A-b-r-a-h-a-m, bemukela isiThunywa. NalesosiThunywa, yini eyayinkulu, into egqamile Esiyenzile, ukukhombisa ukuthi kwakusesikhathini sokuphela na? Sehlulela imicabango owawusemqondweni kaSara.

240 Futhi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, eyenziwa inyama, kukhombisa ukuthi uMoya kaNkulunkulu uyobuya wehlele kuleloQembu elikhethiweyo elincane ngesikhathi sokuphela, futhi izembule Yona ngendlela efanayo. Izinhlungu zokuzala! O, mfowethu, siza uzame ukuqonda. Zama kanzima. Vulani izinhliziyo zenu umzuzu nje. Bukani kuKristu. LowoNkulunkulu ofanayo ukhona lapha manje. Lowo Ofanayo. Wethembisa lezizinto. Futhi uma Azethembisa, Unamandla ngempela okuzenza.

241 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngifuna nje nicabange, ngesizotha.

242 Baba, kusezandleni zaKho manje. Ngenze konke engingakwenza. Ngikhulekela ukuthi Uzobasiza abantu ukuba—ukuba baqonde. IMbewu itshaliwe. Thela amanzi, uMoya, phezu kwaYo, Nkosi, futhi Iniselele inkazimulo yaKho. Uma ngenze iphutha, Nkosi, bengingaqondile ukulenza. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi—ukuthi UzoLihumusha kahle, ezinhliziyweni zabo, ukuze babone futhi baqonde. Siphe khona, Nkosi. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka. Amen.

243 INkosi inibusise. Ngiyanithanda. LoNkulunkulu oshumayele leliZwi, loNkulunkulu obophezelekile ngaleliZwi . . . Ngibophezeleke kuphela ngokuLisho. NguYe ozoLiphilisa. LowoNkulunkulu ofanayo ulapha.

244 Manje, bangaki khona lapho onesidingo na? Phakamisa isandla sakho. Ngabe Wethembisa ukuzenza lezizinto ngezinsuku zokugcina na? Manje ngibhekeni. Manje kunjengoPetru noJohane bathi, "Sibheke." Kube sengathi . . . Niyabo? Wamtshela. Manje bhekani ngapha. Manje, ngiyacela ningayaluzi. Lena impela yi . . . Ngi—ngiyazama, yonke inhliziyo yami ngaphakathi kwami. Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Niyabo? Ngamunye wenu, umoya, uma ninyakaza. Kusobala, ningumuntu ngamunye. Ngizama ukubamba ukukholwa kwabantu.

245 Owesifazane omncane wedlula wayesethinta ingubo yaKhe, waphuma wayesehlala phansi. UJesu waMtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi waphiliswa.

246 Futhi manje Wethembisa ukukwenza lokho futhi, iNdodana yomuntu iyozembula Yona njengoba Yenza eSodoma. Izwe likulesosimo. Ibandla likulesosimo. Manje ngabe uNkulunkulu uligcinile iZwi laKhe na? Bonani uma Eligcinile, noma qha. O, sibe nezibonakaliso, ukugxuma, ukukhuluma ngezilimi, isiprofetho, kanjalonjalo. Kodwa, lindani, kukhona esinye isibonakaliso. O, sineziningi izilingiso zokwenyama. Lokho nje kwenza okwangempela kukhanye. Noma yiliphi idola mbumbulu lifanele lenze elangempela likhanye.

247 Manje khulekani. Kholwani. Nje, ngi—nginiphosela inselelo ukuba nikwenze lokho. Bhekani, futhi nikukholwe enginitshele khona. Bangaki abakukholwayo lokhu ukuthi kuyiQiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khathal'ukuthi ungubani, ukuphi. Ngizovele nje . . .

248 Wonk'umuntu phakathi lapha, ngokwazi kwami, uyisihambi uqobo, ngaphandle kukaBill Dauch nomkakhe behlezi khona lapho, ngokubazi kwami. Ngicabanga ukuthi ngiyamazi lomshumayeli omncane lapha waseJalimane, ehlezi lapho. Futhi, umfowethu, futhi abantu ababili noma abathathu behlezi khona lapho.

249 Omunye emuva ngale ezithamelini, bukani, emuva le. Nginiphosela inselelo ukuba nikholwe ukuthi enginitshele khona kuyiQiniso.

250 Kuthiwani mayelana naleyoNgelosi yeNkosi yehla emfuleni ngaleya, eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu eyedlula, futhi yenza lokhu ukuphawula na? Ngazi kanjani na?

251 Nomelusi wami uqobo wamaBaptisti wangixosha ebandleni, wathi, "Wa—waba nephupho elesabisayo, Billy."

252 Ngathi, "Iphupho elesabisayo, lutho, Dr. Davis. Yileyondlela wena, indlela othatha ngayo, ungavele uthathe ngisho nekhadi lami lenhlanganyelo."

253 Bengazi ukuthi bekuzobakhona omunye, ndawondawo, obezoLikholwa. UNkulunkulu ubengeke athumele uMlayezo ngaphandle uma kukhona abazoWemukela.

254 O, impela, ngenkathi ngiya phambili ngikhulekela abagulayo, bekukuhle kakhulu. Kodwa ngenkathi ngiqala ukunitshela iQiniso leZwi, manje-ke kwehlukile. Benifanele nazi. Wonke uMlayezo ubungaleyondlela.

255 UJesu wayemangalisa ngenkathi Eyongena endlini yokukhonzela futhi ephilisa abantu, nakho konke. Kodwa ngenkathi Ehlala phansi ngoluny'usuku, wayesethi, "Mina noBaba waMi simunye," o, lokho, lokho kwakwenza. "Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu, futhi niphuze iGazi laYo,

aninakuPhila kini." AkaKuchazanga. Wayefuna ukubona ukuthi ubani oyoma ngakuYe.

256 Nicabangani, i—isixuku sinodokotela nezinto, sithi, "LowoMuntu uyi . . . Ngani, Uyindlabantu. Sidle inyama yaKhe siphuze neGazi laKhe na?" Akazange aKuchaze. Akazange aKuchaze.

257 Kodwa, noma kunjalo, leloZwi lalibambelele, kulabobaphostoli. Babenganendaba. BabengaLiqondi. BaLikholwa, noma kanjani. Niyabo? Bazi, ngoba babeyibonile imisebenzi kaNkulunkulu, futhi bazi ukuthi kwakuyiyo. Wathi, "Yiyo efakaza ngaMi."

258 Nangu owesilisa, owesifazane ehlezi khona lapha, ephakamise izandla zakhe. Manje, ningangibiza ngohlanya, uma nifisa; kodwa leyoNsika yoMlilo efanayo, eyahola abantwana bakwaIsrayeli bedabula ehlane, iphezu kwalowo wesifazane ngqo.

259 Manje, khumbulani, uJesu wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina. Ngivela kuNkulunkulu. Ngiya kuNkulunkulu," emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa. Watshela abaJuda. Wathi, "Ngi . . . "

260 WayeyileloDwala elalisehlane. WayeyileyoNsika yoMlilo, "NGINGUYE ENGINGUYE." Ubani owaye "NGINGUYE"? LeyoNsika yoMlilo kulesosihlahla esivuthayo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi Wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu. Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngibuyela kuNkulunkulu, ukuze abuye ngesimo sikaMoya oNgcwele."

261 Futhi Nangu, unathi namhlanje, izithombe zesayense zithwetshulwe kuYo. Nangu, ukufakazisa ukwedlula noma yisiphi isithombe sesayense, noma yini. Ilapha, ukukufakazisa, ngokuba InguYe. "Mina iNdodana yomuntu ngiyokwembulwa ngalolusuku." Manje, *Nanso*. NgiYibuka ngqo.

262 Wena uthi, "UyaYibona?" UJohane waYibona, naye, kodwa bonke abanye abazange.

263 Bukani, ukukufakazisa manje. Lowo wesifazane uyisihambi kimi. Angikaze ngim—mbone, empilweni yami. Kodwa unokuthile okungalungile ezithweni zakhe azikhulekelayo. Ngabe . . . Kunjalo, nenekazi. Ubenokuhlinzwa kuso. Leyo yindoda yakho ehlezi eduze kwakho. Awusuye owalapha. UngowaseCalifornia. Igama lakho nguRoland. Inkathazo yesisu sakho isiphelile, nayo, mnumzane. Ubunenkathazo yesisu. Ubungenayo na? Awu, konke sekuphelile. Umlenze wakho usuphilisiwe.

"Ngalolosuku iNdodana yomuntu . . . "

264 Lapha, ohlezi khona emuva ukwedlula *lapha*, nanso indoda. Iyindoda yekhaladi, kukhona okungalungile emehlweni ayo.

Iyi. . . Yebo. Yona, umsebenzi wayo ewenzayo, yenza okuthize mayelana nemoto, ipholisha izimoto, umshayini-zimoto. Kunjalo. Amehlo akho aya ngokuba mabi. Ukholiwe nje, awukholwanga na? Into ethize eyisimanga ngempela yenzeke kuwe. Igama lakho lokuqala unguFred. Kunjalo. Igama lakho lokugcina unguConn. Kunjalo. Usuyakholwa manje na? Amehlo akho awasezukuphinde akuhluphe-ke. Angikaze ngiyibone indoda ngaphambili, empilweni yami.

265 Indoda ngemuva impela emva kwalapho, ayisiyo eyalapha, futhi. EyaseCalifornia. Ineqolo elibi, Mnu. Owens. Nguwe lowo. INkosi uJesu iyakusindisa. Angikaze ngiyibone indoda, empilweni yami, angazi lutho ngayo. Ngilandela nje lokho kuKhanya njengoba Kuhamba.

266 "Uma nikholwa, konke kungenzeka kulabo abakholwayo."

267 Umfo omncane ohlezi lapha, unesibhono, ufake izibuko nesudu empunga. Fred, uNkulunkulu uyakuphilisa uma ukukholwa. Uzokwemukela na? Kulungile. Angikaze ngimbone, empilweni yami.

268 UNkk. Holden, ehlezi laphaya ukusuka kuye, uguliswa amehlo. Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami, kodwa lelo yiqiniso. Niyabo? "Uma nikholwa."

269 Ukhalelani, sisi na? Unokugula kwemizwa, isishiso semithanjana yomoya, inkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Uhlezi ekugcineni kwesihlalo lapho. Uma ukholwa, ngenhliziyo yakho yonke, uJesu Kristu uzokusindisa. Konke lokho kugula kwemizwa kuzosuka kuwe, uzizwa sengathi usubuyele esimweni sakho esifaneleyo. UDeveli uqamba amanga kuwe. Uyakwemukela na? Manje phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizokwemukela, ke." Okeyi. Sekuphelile.

270 Ini? Lelibandla ledlula ezinhlungwini zokuzala. Ningenze ukukhetha kwenu manje eBukhoneni baKhe na? Nginikhombise lona impela iZwi, Athi Uyolenza.

271 Ufunisisa kuyo yonke lendlu, buza noma ubani oke washaywa, noma kwakhuluma naye, kumbe noma kwakuyini, futhi nibone ukuthi ngake ngababona yini, ngabazi, kumbe noma yini ngabo. Nicabanga ukuthi umuntu ubengakwenza lokho na? Lokho akunakwenzeka nhlobo ukuba lokho kwenzeke.

272 Awu, Kuyini na? INdodana yomuntu. "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lahlulela umoya, izimfihlo zezinhliziyo." Njengoba impela nje Lalinjalo ngenkathi Lenziwa inyama lapha emhlabeni, eNdodaneni kaNkulunkulu, manje Seliyembulwa yiNdodana kaNkulunkulu njengoba Izele ukubiza uMlobokazi aphume kuleyonqubo. "Phumani kuyo. Nizahlukanise, usho uNkulunkulu. Ningathinti okungcolileyo kwabo, noNkulunkulu uzonemukela."

273 Senikulungele unikela yonke impilo yenu kuNkulunkulu na? Uma ninjalo, sukumani nime ngezinyawo zenu, nithi, "Ngizokwenza, ngomusa kaNkulunkulu, ngiLemukele khona manje, ngakho konke okukimi."

274 Haleluya! Akabongwe uNkulunkulu! NiyaMkholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje-ke phakamisani izandla zenu futhi nikhuleke kanye nami.

275 Vumani amaphutha enu. Izinhlungu zokuzala! Kunzima ukufa, kodwa yifani khona manje. Yifani, phumani ekungakholweni kwenu uqobo. Phumani kukho. Leli yiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo, njengoba Lalinjalo nje ngenkathi uJesu efika emhlabeni. NguJesu Kristu futhi phakathi kwenu, efakazelwe.

276 UAbrahama wemukela indodana masinyane, indodana yesithembiso, emva kokuba lokho sekwenzekile.

277 NoJesu uyeza futhi. Lowo nguMoya waKhe. Usondele kakhulu emhlabeni, usondele kakhulu ekufikeni, ukuthi Uselungele ukunemukele, uma nikulungele ukuMemukela.

Manje phakamisani izandla zenu futhi nikhuleke kanye nami.

278 Nkosi Nkulunkulu, makuthi bonke abapristi babambelele ealtare. Abantu mabakhale kakhulu. Kwangathi iNsika yoMlilo neNsika yeFu ihambe ingene kubantu namhlanje futhi ibazothise, Nkosi, ekuqondweni koBukhona bukaNkulunkulu onamandla nophilayo. Siphe khona, Nkosi. Bemukele. Ngikhuleka lomkhuleko walowo nalowo wabo, eGameni likaJesu Kristu.

279 Gcwalisa ngamunye ngoMoya oNgcwele, ongenawo uMoya oNgcwele. Nkosi, kwangathi imvuselelo yalomkhankaso, lomhlangano, ingabhoboka khona manje ibe nkulu, ukuthululwa okunamandla kukaMoya oNgcwele. Kwangathi abagulayo bangaphiliswa, izimpumputhe zibone, izishosha zihambe. Kwangathi ukuzibonakalisa kukaNkulunkulu ophilayo kungalethwa ebukhoneni babantu, njengoba bekunjalo kulentambama, futhi kwangathi abantu bangakwemukela. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela.

280 Phakamisani izandla zenu manje futhi niMnike udumo, futhi nikwemukele enikucelile.

